# WAZIFUNGA YENA

Ngizizwa sengathi ngithi ukuzigaxa uma ngehlela lapha. UMfowethu Neville u—unempatho enhle kakhulu. Uthi, "Manje, Mfowethu Branham, woza emsamo, neZwi," nokuthile okunjalo. Futhi, niyazi, ngizwa sengathi kufanele ngimlalele isikhashana. Ngakho-ke, lapho ngibuya kulobubusuku, ngani, ngizo—ngizomlalela. Ngiyahamba—ngizoxwayisa ngalokho. Amen. Yebo.

2 Ngethemba ukuthi wonke umuntu uzizwa ekahle. Futhi nibukeka kahle, futhi ngakho-ke ngiyabonga ngalokho.

3 Manje, kulusuku olubi, ngaphandle, kodwa kumnandi futhi kufudumele lapha etabernakele. Futhi siyabonga ngalolu oluncane, uphahla oludala, nezindonga ezine zalo lapha, esibuthanele phakathi kuzo, nendawo enhle, efudumele yokukhonzela iNkosi. Kungase kungabi njengo—njengokwenele, mhlawumbe, indawo yokukhonzela, njengoba benayo kwezinye izindawo. Kodwa uBukhona bukaMoya oNgcwele buyilokho esiya kukho njalo, ngukuthola uBukhona baKhe, obukuletha emphefumulweni wethu—wethu.

4 Manje, njengoba umfowethu eshilo, "Lolu usuku olubi, futhi kushelela kakhulu emgwaqeni." UBilly nami, emuva lapho, usanda kushayela amamayela angamakhulu ayisishiyagalolunye emgwaqeni oshelelayo. Futhi—futhi cishe nje ishumi nambili, ishumi nanhlanu, hhayi ngaphezu kwamamayela angamashumi amathathu ngehora, nganoma yisiphi isikhathi, ehamba nje; amabhasi eziseleni, nezinto. Ngakho-ke siyazi ukuthi kunzima kakhulu, ukushayela, kulezizikhathi.

5 Ngakho-ke manje, iqeqebana lenu nje, uma nifuna ukuqhubekela phambili, ngani, nomaphi lapho eningezwa khona okuhle, awu, lokho ku—lokho kulungile ngokuphelele.

6 Manje, izolo kusihlwa, ngi—bengizoba . . . bengimatasatasa impela. Futhi bengizofonela uMfowethu Neville, ukumtshela, noma okokusakaza kwakhe, kanjalonjalo. Besizongena, kulokhu ukusa, futhi sibe nomkhuleko wabagulayo, kanjalonjalo. Kodwa angizange ngifinyelele kuye, ngoba bengimatasatasa kakhulu, kakhulu selokhu ngibuyile. Futhi ngilungiselela ukuhamba futhi manje, ngiya eChicago, ngiya emihlanganweni lapho. Futhi sizoqhubekela ePhoenix nasoGwini lwaseWest Coast.

7 Manje, sibe nomhlangano omangalisayo eBing- . . . EBinghamton. EBinghamton, eNew York. Angikwazi ukubiza lelo. B-i-n-g-h-a-m-t-o-n. YiBing- . . . [Omunye uthi, "EBinghamton."—Umhl.] IBinghamton. E-hhe. Futhi yi . . . Ngifuna ukulibiza ngokuthi eBing-ham-ton. B-i-n-g h-a-m t-o-n, niyabo, Bing-ham-ton. Kodwa bavele babize uBinghamton.

Uqinisile, Mfowethu Johnny. [Umfowethu uthi, "Abakwethu bahlala eduze nalapho."] O, ingabe kunjalo na? Awu, lokho kuhle. Besise-Endicott Auditorium. Ya, niyazi ukuthi kukuphi lokho, eJohnson City.

8 Kwadingeka i...ngempela umhlangano oyisimangaliso phezulu lapho; nje ukugxumela phakathi, ngokushesha, niyazi, futhi—futhi akukho ukulungiselela. Bafonile nje ngelinye ilanga. Futhi zonke lezozindawo ukuya kuzo, nokho uMoya oNgcwele wathi, "Khuphukela lapho." Futhi ngabona ukuthi kwakuyini. Kwakuphakathi kweqembu, inqwaba yabantu abangamaKatolika phakathi lapho, kanjalonjalo, futhi ngempela kwaba ukuvula okukhulu kulabobantu.

9 Futhi manje bamane nje...futhi phezulu lapho cishe ubusuku obuyisithupha noma obuyisikhombisa, baze nje balambe futhi bome. Futhi—futhi bafuna ukumisa umhlangano, noma ukugxumeka itende, futhi babuyele lokho. Niyazi ukuthi kunjani. Ngakho-ke ngabatshela, noma ngizokhuphuka, noma ngithumele abanye babazalwane bami, uMfowethu Beeler noma abanye babo bonke ababefuna ukukhuphukela umhlangano ngesinye isikhathi kanye nabo, enhla lapho.

10 Manje, okuningi kakhulu, kusobala. Njalo, inhliziyo yami isavutha ngepesheya kwezilwandle. Ngiyafisa nje, ngandlela thize, emva kwenkonzo kulokhu ukusa, bengihamba ngiya e-Afrika noma eNdiya, ndawondawo. Ukubona lokho, isidingo esikhulu sabantu kulelozwe; nokuthi banothando kangakanani, futhi bafuna ukwemukela iVangeli, kabi kakhulu, niyazi. Lapho, abanayo imehluko esinayo lapha, niyazi, ukuba... niyazi, niphikisana ngezinto ezincane ezihlukene. Ba—ba—bafuna nje ukuzwa ngeNkosi uJesu. Futhi lolo uhlobo lwabantu oluthandayo, oluthandayo uku—ukubathathela uMlayezo. Futhi lobobulula bakho, kanjalo, awu, kubenza babe nje... Bayakuthanda nje. Futhi akunandaba ukuthi uthini, uma kungokuthile ngeNkosi, bafuna ukwazi ngakho, masinyane impela. Futhi, kusobala, lapha eMelika, sonke sihlukile komunye nomunye, futhi yilokho esikubiza ngokuthi, "ukuqophisana ngezinto ezingathi shu." Ngabe kunjalo na? Into efana naleyo. Ya.

11 Empeleni, ngathole izingcingo eziningi kubelusi, bengitshela nje ngomzalwane othile obhale incwadi. Futhi kuthi ukunginika ubuhlungu obukhulu obuncane, phezu kwamalahle. Manje, lokho kulungile lokho. Angimazi umfowethu, naye akangazi. Ngakho-ke kulungile. Mhlawumbe ungumfowethu olungileyo, nokungaqondi kahle nje, niyazi. Uyazi ukuthi kanjani indoda...Ungakuthola lokho kalula, uyazi, ukuthi ukungaqondakali kahle nje. Kodwa, sikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu nokukhulekela abagulayo. Futhi, mhlawumpe, umfowethu uyakwenza, naye, kodwa uvele nje...Niyazi ukuthi kukanjani, bavele bathole ukungaqondi

kahle okuncane kanjalo. Futhi angikaze ngihlangane nomfowethu othandekayo. Ukuba bengingakhuluma naye, futhi ubengakhuluma nami, mhlawumbe besiyothandana, niyabo. Ngakho, akwenzi noma yimuphi umehluko, nokho.

12 Manje, ngakho-ke manje, emaVangelini, sifuna ukuphenya, ukufunda kancane, kulokhu ukusa, *e*Zwini. Anilithandi *i*Zwi na? Ya. Lokho, yilokho-ke.

13 Manje, ngale e. . .Besisesahlukweni se 10, izinyanga ezine noma ezinhlanu ezedlule, ngiyakholwa. Futhi ngakho-ke ngiqalile, kulokhu ukusa, ngicabangile, "Awu, manje, ukuba-ke uMfowethu Neville ubengangibiza ukuba ngisho okuthize kulokhu ukusa na? Ngingashiya kuphi, esahlukweni se 10 na?" Ngase ngibheka, ngase ngiqeda kuze kube sesahlukweni se 10, emva kwezinyanga eziningana.

14 Ngakho-ke ngathi, "Awu, ngizoqala isahluko se 11." Futhi kwenzekile ngabheka lapho, futhi leyo ngenye yezintandokazi zami, niyazi, ngesaba ukuthi nginga. . .Ngithe, "Qhabo, angeke ngiqale lapho, ngoba ngizoba lapho iminyaka emibili, ngamunye." Ngamunye walabo lapho, amaqhawe okukholwa, niyazi. Kanjani thina. . .

15 Ukuthatha lesosahluko se 11, ukukuthethelela, sizodingeka sibuyele emuva futhi sithole ukuqala kokudaliweyo, futhi sehlise lokho; lokho kungathatha athi awabe mabili, amaviki amathathu. Kwase kuthi-ke ngale, u-Enoke, ukuthi wahamba kanjani neNkosi; lokho bekungathatha amaviki ambalwa impela, niyazi, ukuphuma kulawo mavesi amabili. Bese kuthi-ke nakhu kufika uNowa, emva kwalokho. Bese kuthi-ke u-Abrahama, futhi kwehle njalo. O, he! Besiyoke siwelele ku-Abrahama, nje ku—nje kunzima ukusho ukuthi besiyoba lapho kade kangakanani. Besiyobe siyifunisisa emuva naphambili, nasemuva naphambili. Futhi, ngakho-ke, odabeni olufana nalolo, bekufanele kube ngesinye isikhathi lapho sinemvuselelo, nochungechunge lwezindaba ezinjalo, siqhuba nje isahluko se 11.

16 Ngakho-ke ngacabanga, "Awu, siwelile, futhi ngiqale isahluko 1, lokho kuzwakala kahle kakhulu." Ngiyakuthanda ukufundisa kwamaHeberu ngoba ku—kujulile futhi kucebile. Futhi ngi—ngiqinisekile ukuthi nonke niyakuthanda lokho.

17 Ngakho-ke, ngicabange ukuthi sizovele sifunde nje kancanyana esahlukweni se 7, mhlawumbe, kulokhu ukusa, uma nithanda, futhi sijikele kuso.

18 Futhi sizothola isendlalelo esincane esiyisisekelo senkulumo yethu. Futhi—futhi sizoqala ingxenye yamavesi ambalwa kwesesi 6 lapho. Kuthi ukuhlanganisa nakho, ngoba kuphathelene nendaba enkulu, kaMelkisedeki, iNkosi yaseSalema, nokuthi Wayengubani, nokuthi Wayehlobene ngani noKristu. "Futhi—futhi Wayengenayise, engenanina;

engenakuqala kwezinsuku, engenakuphela kokuphila. Akakaze abe nesiqalo. Akakaze aqale, futhi Akasoze aphela. Akakaze abe noyise noma unina, engenaluzalo. Futhi Yena—Yena wayeyiNkosi yaseSalema." Ngiyamangala ukuthi lona wayenguBani, u-Abrahama ahlangana naye, Lowo ahlangana naye. Manje sizobuya esikhashaneni.

19 Kodwa, manje, siphenya amakhasi phansi *kanje*, niyabo; kodwa khona Oyedwa kuphela OngaLivula, futhi lowo yiNkosi uJesu. Akunjalo na? "Akakho eZulwini noma emhlabeni, ngaphansi komhlaba, wayekwazi noma efanelekile ukuvula iNcwadi, noma ukuqaqa uPhawu lwayo." Kodwa ngenkathi uJesu efika, Uthathe iNcwadi esandleni sokunene, esandleni sikaNkulunkulu, futhi wathatha iNcwadi futhi waqaqa iziMpawu, futhi wahlala phansi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Futhi—futhi Munye kuphela Okwaziyo ukukwenza. Ngakho-ke manje uma . . . NguYe kuphela ongakwenza.

20 Manje, imibono yami iyohamba, o, mhlawumbe isigidi samamayela kude. Futhi imibono yomunye umuntu iyoya kude le. Kodwa sizokwethemba ukuthi Uzovele athathe, makuthi—makuthi imibono yaKhe ibe ngeyethu, kulokhu ukusa. Ngabe kunjalo na? Futhi khona-ke sizokwenza okuhle ukwedlula konke esingakwenza, ngizokwenza, ukukuchaza ngokwedlula konke engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani.

21 Manje, akusikho ukufunda okuncane kwangaphambi kokufunda okukhulu. Ngempela nje. Senyukela lapha nje futhi sivule iZwi.

22 Futhi, kwakuvame ukuthi, lapho besizofika futhi sibe nalezizifundo, besizo—besizozindla ngaphambili ngazo, okweviki elizayo, siqhube uchungechunge. Futhi bengizoba nemiBhalo ebhalwe phansi, yonke indawo emiBhalweni, yonke into encane ebengingayenza. Iviki lonke, ngiyongena ekamelweni futhi ngihlale lapho, futhi—futhi ngitadishe, futhi ngizindle, futhi—futhi eZwini. Futhi njengoba uMoya oNgcwele ubunganginika okuthize, ngi—bengingakubhala phansi. Futhi bengingahlala futhi ngicabange futhi, bese-ke ngikubhala phansi, noma yini Abeyongitshela khona.

23 Khona-ke, ngeSonto, ngizoza ngapha futhi ngibe namashidi amaphepha ebekwe kuyonke indawo e . . . Futhi uzodingeka ube nento yokubhalela isibhebhe laphaya, ukuhambisana nakho, futhi ukubhale, futhi lapho uthola imiBhalo. Khona-ke, iviki lonke, abantu bayokutadisha lokho, futhi bakuhlanganise ndawonye. Futhi kukhona okunjalo . . . kukhona i . . .

24 Umbhalo, niyazi, uyinto emangalisayo, kodwa ingqikithi yiyo eyenza indikimba ibabazeke, niyabo. I . . . Yingqikithi yendikimba. Ngakho-ke, kulokhu, thina—thina . . . Namuhla,

siyangena nje futhi, nomaphi, nje—nje siyakuyeka kuhambe isikhashana, futhi sethembe iNkosi ukuthi isisize.

Manje singakhothamisa amakhanda ethu.

25 Manje, Baba wethu waseZulwini, onomusa, siyabonga ngakho konke lokho Okwenzile. Ikakhulukazi, Nkosi, ukusithethelela izono zethu, ukugcina ukugula nezinhlupheko kude neminyango yethu, sijabule kakhulu ngalokho. Futhi inhlanhla esinayo, ukubuthana lapha kulendlu kaNkulunkulu, kulokhu ukusa kwasebusika, ukukhonza Wena ebuhleni bobungcwele baKho. O, siKuthanda kanjani, sazi ukuthi Wena usigezile ngeGazi laKho uQobo; fuhi wasethula phambi kukaNkulunkulu, singenacala, singenasici, njengezidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Sibheke isikhathi, esizofika, lapho siyoMbona njengoba Enjalo, futhi sibe nomzimba ofana nowaKhe. O, silangazelela lelohora!

26 Futhi manje, njengoba sibuthene namhlanje, siyaKubonga ukuthi Wena Usinikeze uhambo oluphephile lokwenyukela eNew York, nokubuya. NgiyaKubonga ngokuba nebandla ngesikhathi silapha. Futhi eziningi zezinto, o, izinkulungwane zalezozibusiso ezinkulu okufanele siKubonge ngazo! Futhi Wena uyazazi zonke, futhi siyakhothama ukudumisa Wena.

27 Thatha iZwi, kulokhu ukusa, Baba, Libusise manje. Busisa ibandla. Busisa umelusi. Nkulunkulu, yiba naye, futhi, O Nkulunkulu, menze nje isibusiso ezinkulungwaneni. Amadikoni ebandla, abaphatheli, amalunga, amalunga nje, bonke, yiba nabo nje, Baba. Othisha bakaSonto sikole laphaya nabafo abancane, yiba nabo. Futhi kwangathi izinhliziyo zabo ezincane zingavutha nje, kulokhu ukusa, ngothando lukaNkulunkulu. Sisize, ngokufanayo, ebandleni. Futhi lapho sesihamba, kwangathi singasho, njengalabo ababevela e-Emawuse, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, ngenkathi Ekhuluma nathi endleleni na?” Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

Manje, eNcwadini yamaHeberu.

28 Futhi, lapha, ngififiyela kakhulu, ngaphansi kwalokhu kukhanya, futhi ngoba angisiye umfana, nhlobo, niyazi. Sengiba indoda endala.

29 Futhi lapha esikhathini esithize esedlule, ngangizokwenzelwa izibuko ezinemibala, emfanekisweni weqhwa. Ngangihamba ohambweni oluya e-Afrika, futhi... Qhabo, ngicela—ngicela uxolo. Ngangikhuphukela eMaine, noma phezulu eCanada, ngizingela. Futhi ukubonisa kweqhwe, ufanele ugqoke izibuko, ngoba ilanga liyaphuma futhi livele likuphuphuthekise. Njengoba nje amehlo akho eba buhlungu ngempela, futhi ufanele ugebise ikhanda lakho; uzame ukuhamba, ubuka phansi *kanjena* futhi kubuhlungu. Ngakhoke, ngaso sonke isikhathi lapho ngigqoka ipheya, noma yiluphi

uhlobo lwezibuko zelanga, kuvele nje kungigulise kakhulu angikwazi nje ukuphakamisa ikhanda. Futhi kwakuhlale kukanjalo.

30 Ngakho-ke, ngashayela uDkt. Adair, ngase ngithi, "Hlobo luni lombala engingalusebenzisa na?" Ngathi, "Ngiwuzamile okuluhlaza satshani, oluhlaza sibhakabhaka, nomnyama."

31 Wathi, "Billy, akuyona ingilazi. Ngamehlo akho." Wathi, "Usuwedlulile emashumini amane."

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Awu, mfana, yilawomehlo amadala aya ngokuba mabi."

Ngathi, "Qhabo. Nginamehlo amahle." Ngathi, "A—A . . . "

Wathi, "O!"

Ngathi, "O, yebo, ngingakwazi."

32 Ngakho-ke wangithumela ngapesheya komfula, ukuba ngiyoxilongwa amehlo ami, udokotela oyisipesheli othile. Ngibonile ukuthi leyo kwakuyintando yeNkosi, ngoba indoda yayingumKristu owaziwayo, futhi—futhi ufuna ukuya nami e-Afrika lapho ngihamba futhi. Futhi omunye wodokotela bamehlo ababedlula bonke eLouisville, eHeyburn Building enkulu lapho. Ngakho-ke lapho exilonga amehlo ami, namehlo ami . . .

33 Wangingenisa egunjaneni elincane, futhi wavula into, lapho kwakumnyama, futhi wangihlalisa lapho kancanyanyana, aze amehlo ami anwebeka kukho. Futhi ngakho-ke wavula into encane, kwathi, "amashumi amabili-amashumi amabili." Awu, ngangikwazi ukufunda ngeso ngalinye. Waphinda wayivula, kwathi, "ishumi nanhlanu-ishumi nanhlanu." Ngafunda ngeso ngalinye. Waphinda wavula, kwathi, "ishumi-ishumi." Ngangikwazi ukufunda ngeso ngalinye. Ngakho-ke lokho kwakungukuthi . . . futhi yilokho kuqhubeka kuphela oyofanele ukuhambe. Ngakho-ke ngangikwazi ukukufunda noma kuphi. Ngakho khona-ke—khona-ke wathi . . .

34 Khona-ke wakubeka entweni encane njenga*lena*, wayesethatha ikhadi elincane futhi waqala ukulilethа kimi *kanjena*. Lapho iphakama *kanje*, ngathi, "Ngiyaxolisa."

Wathi, "Awu, usuwedlulile emashumini amane."

Ngathi, "Yebo."

35 Wathi, "Ngiyabona." Wathi, "Unamehlo amahle. Kodwa umuntu, noma yisiphi isidalwa esingumuntu esesedlule emashumi amane, izinhlamvu zamehlo akho empeleni ziba yisicaba. Njengokuthi izinwele zakho ziba mpunga. Kuyinto nje yemvelo." Futhi wathi, "Uma iba yisicaba, angeke nje anwebeke njengoba efanele, kanjalo." Futhi wathi, "Noma yini eseduze nawe, izinhlamvu zamehlo akho, ziba yisicaba,

angeke zinwebeke futhi zikwenze ubone, uyabona." Wathi, "Ngokushesha noma kamuva, lapho usondela," wathi, "uzofanele uthole ipheya lakho lezibuko zamehlo, futhi ukuhole, ukufunde phansi."

Ngathi, "O, he, dokotela!"

36 Futhi ngiyakususa, kude *kangaka*, kuqhele kimi, kuphelele. Kodwa uma ngikuphakamisa kanje, hhe-e. Futhi ngakho-ke ngizofanele ngithi ukuphushela emuva kancane.

37 Futhi ngangitshela uMfowethu Neville ngakho. UMfowethu Neville wathi, "Yebo, kodwa emva kwesikhashana uyaqhubeka nokuqhela, ukuqhelise ize ingalo yakho ingabi yinde ngokwanele ukufinyelela kukho."

38 Ngakho-ke, ngi—ngiyabonga ngamehlo amahle, nokho. Futhi, manje noma yikuphi ngaphandle, he, benginga... Ngingacishe ngibone unwele lubekwe ebhentshini ezansi lapho, ndawondawo. Ngakho-ke, kuhle ngempela, ngaleyondlela. Kodwa ukuguga nje, yilokho kuphela.

39 Ngakho-ke sengiba mdala lapha, kodwa ngimncane Lapho, niyabo, futhi leyo yingxenye enhle ngakho. Ngakho-ke, ngolunye usuku olukhazimulayo, nokho, iNkosi uJesu iyofika, futhi konke lokho esasiyikho ngenkathi sasingokwethu okwedlula konke, siyoba njalo futhi, kuze kube phakade. Kuphela, ukufa kuyangena, ukwenza lokhu. Ukufa kuyangena, ukufaka lezozinwele ezimpunga ekhanda lakho. Ukufa kuyangena ukufaka leyo mibimbi ebusweni bakho. Kodwa kungathatha kuphela wena, yilokho kuphela. Khona-ke, ekubuyiseleni, lokho owawuyikho kokwakho okukwedlula konke, ngaphambi kokuba ukufa kuze kukuthinte, lapho wawucishe ube namashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, yilokho oyoba yikho ekuvukeni. Ngingakufakazisa lokho ngomBhalo. Futhi lokho kusenza sijabule kakhulu, ukwazi lokho. Akunandaba ukuthi kuzani noma kuhambani, akwenzi mehluko noma kanjani, ngoba siyabuya futhi ngqo, sibasha, siphinde futhi.

40 Futhi, manje, iNcwadi yamaHeberu yiNcwadi esikholwa ukuthi uPawulu wayiloba. Akukho—kukho irekhodi elibonisa ukuthi wayiloba. Kodwa siyakholwa ukuthi uPawulu waloba iNcwadi yamaHeberu, ngoba kwakuyi...kuzwakala njengokuloba kukaPawulu. Futhi iningi losiyazi bezenkolo bakholwa ukuthi kwakungukuloba kukaPawulu, futhi. Kodwa noma ngabe kwakungubani, ukuthi yimuphi umbhali owakuloba, impela kungubuciko obedlula konke, futhi kuphefumulelwe, futhi kuhlanganyela nalo lonke iBhayibheli.

41 Futhi kuletha zonke izithunzi. Futhi njengoba, mina ngokwami, ngingafundile, ngingafundele lutho, ngifanele ngithi ukuthatha, futhi ngizenze umfanekisi, ukuze ngazi ukuthi ngineQiniso leZwi, ngokuba ngihlala ngibuka emuva eTestamenteni eLidala.

42 Manje, kukhona abanye babafo abahlezi lapha, abathathu noma abane babo, abebelapha selokhu ibandla libe, ngiyacabanga, iminyaka engamashumi amabili nento, ngenkathi ngigcotshwa okokuqala. Futhi khona-ke—khona-ke, njalo nje, bengilokhu ngizama ukwenza i . . . ukubuka imifanekiso.

43 Ngamanye amazwi, uma ngingakaze ngilibone ilanga, futhi ngibone okwenziwa yinyanga, laphonsa ukukhanya emhlabeni, nokunye nokunye kanjalo, futhi kukhanya kwehla kuvela ezulwini, bengingaba nombono othile wokuthi ilanga belingaba yini uma lihambe layokhanyisa, ngoba bekuyoba . . . Ngiyibhekile inyanga; kungukubonakala kwelanga.

44 Awu, zonke izinto ezindala, zeTestamente eLidala, ngaphansi komthetho, kwakungumfanekiso nje, noma umfanekiso walokho okuyikho eVangelini. Ngakho-ke uma ulazi iTestamente eLidala, ungaba nombono omuhle kakhulu ukuthi iTestamente eLisha liyini, ngoba . . . Futhi manje uPawulu unikeza into efanayo lapha, eNcwadini yamaHeberu. Ukhombisa ukuthi iTestamente eLidala laliyini, emfanekisweni. ITestamente eLisha liyisifaniso sangaphambili. Wonke umuntu uyakukholwa lokho, anikukholwa na?

45 Ngikholelwa kanjalo ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu ngamandla amakhulu, ngenxa yokuthi eTestamenteni eLidala, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakungaleyonkathi. Futhi uma i . . . Sinokuthile okungcono kakhulu. Uma iTestamente eLidala lakhiqiza ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngaphansi kwaleyonto encane, futhi into kuphela iTestamente eLisha yi—yinto ekude le kakhulu, futhi engcono kakhulu, yini iTestamente eLisha elinayo ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu na? O, kunokuningi kakhulu, niyabo. Ngokuba, iTestamente eLisha li "yizinto ezingcono," kwasho uPawulu lapha kumaHeberu. ITestamente eLidala lakhiqiza . . . O, kwakulungile.

46 Njengokuthi uma ngiphuma lapha, ngiphuma ngiyokwenza okuthize lapha ebusuku, ukufunda, noma—noma ukuba nezinkonzo ngaphandle, futhi, awu, ku . . . noma ngiye nomaphi lapho engingahamba khona, futhi kuwubusuku obunonyezi. Lokho kukahle kakhulu kakhulu. Ngiyakuthokozela lokho. Kodwa uma inyanga ingaveza lokho, yilokho ilanga eliyokwenze na? Futhi kunamandla. Ku—kuvele kukhiphe inyanga, yilokho kuphela; niyabo, lapho nje—nje akukho okunye kwakho.

47 Futhi uma uqaphela, lapho ilanga liphuma, isizathu sokuba inyanga ingakhanyi, yingenxa yokuthi inyanga nelanga kuhlangana ndawonye. Inyanga nelanga kukodwa. Benikwazi lokho na? Inyanga ayilutho kodwa u—umcibisholo olenga emoyeni. Futhi ilanga likhanya kuyo, libonakalisa ukukhanya kwalo emhlabeni. Ilanga likhanya enyangeni, kuyo inyanga, ukubonakalisa. Niyabo? Lapho ilanga lizungeze *lapha*, liphonsa

ukukhanya kwalo *lapha* enyangeni, nenyanga ikubonakalisa emuva emhlabeni. Ngamanye amazwi, ilanga nenyanga yindoda nomfazi. Noma, kokubili, ilanga nenyanga nguJesu neBandla. Ngenkathi uJesu esahambile, Ubonakalisa eBandleni ukuKhanya kwaKhe. Niyabo? Ngakho-ke, uma inyanga inikeza ukuKhanya, iLanga belingenzani na?

48 Futhi uma umthetho wanikezela ukukhanya, uma umthetho wanikezela ukuphulukisa, iVangeli liyokwenzani na? Niyabo? O, beliyoba namandla! Belingeke na? Impela beliyoba njalo. Bebeyoba nini . . . Niyabo, uma, buka, uJesu . . .

49 Endleleni, lapho bedabula ehlane, abantwana bakwa-Israyeli, bafika e—ekwenzeni ukukhanya nokuxoxa ngokumelana noNkulunkulu noMose, futhi bona. Futhi izinyoka ziyangena, ziqala ukubantinyela nokubaluma. Futhi bayafa, futhi awekho amakhambi abo ayengabasiza. Futhi abantu bafa, ngezinkulungwane. Futhi uNkulunkulu wenza umfanekiso kaKristu. Wenza i . . . waba noMose ukuba enze inyoka yethusi futhi ayibeke endukwini. Manje, lowo kwakungumfanekiso kaKristu, (ingabe kunjalo na?), inyoka.

50 Manje ningazibuza, abanye benu bantwana eVangelini, "Kungani inyoka ingamelela uKristu na?" Awu, ngoba inyoka, inyoka ngokwayo, yayingukuthi . . . imele isono esasesivele sahlulelwe.

51 UNkulunkulu wayehlulela inyoka, ensimini yase-Edene. Wayithatha, wayinika ukwahlulelwa kwayo lapho. Wasusa imilenze yayo kuyo, futhi wayenza yehlela esimeni somuntu, wayifaka e—e—ezingeni . . . Awu, yayingesikho . . . Niyabo, i—inyoka, kwasekuqaleni, yayingesiso isilwane esihuquzelayo. IBhayibheli lathi, "Yayisilwane, futhi isilwane esinobuqili kakhulu kuzo zonke izilwane zasendle." Yayihamba njengomuntu, nakho konke, "ubuqili obukhulu." Kodwa isiqalekiso sayiqalekisa, futhi sasusa ubuqili bayo—obayo—bayo, noma ubuhle bayo—bayo; wayiphonsa phansi emhlabathini, futhi wayibeka ngesisu sayo, ukuba ihuquzele.

52 Futhi manje inyoka, esigxotsheni, imele isono esesahlulewe. Futhi yenziwa ngethusi. Manje, ithusi limele ukwahlulela ngokukaNkulunkulu, hhayi ukwahlulela kwasemhlabeni noma ukwahlulela kwengqondo, kodwa ukwahlulela ngokukaNkulunkulu. Niyabo? I-altare lethusi, lelo . . . i-altare, lapho imihlatshelo yashiswa khona, yayenziwe ngethusi, "i-altare lethusi." Futhi kusho ukuthi kwakungokobuNkulunkulu. Yilapho inani lobuNkulunkulu lakhokhwa khona, ngethusi. Futhi uMo- . . .

53 Futhi, isibonelo, u-Eliya, ngenkathi ephuma, "Futhi i—izibhakabhaka zazinjengethusi," washo. Ukwahlulela ngokukaNkulunkulu phezu kwabantu, ngoba babesukile kuNkulunkulu, ezinsukwini zika-Ahabi. Futhi uGehazi

wenyuka ukuyobheka, ukubona ukuthi izibhakabhaka zazibukeka kanjani. Futhi wehla, uthi, "Kubukeka njengethusi." Niyabo, ukwahlulela ngokukaNkulunkulu!

54 IZambulo 1, uJesu wabonwa . . . Noma, iBandla, njalo, loMlobokazi kaKristu, laMbona emi ezintini zeziBani eziyisiKhombisa, nezinyawo zazenziwe ngethusi. Okungukuthi, ithusi kungukwahlulelwa ngokukaNkulunkulu kweBandla, phandle phezu kwezwe. Niyabo? Ukwahlulela ngokukaNkulunkulu!

55 Inyoka, ithusi, likhuluma ngakho. Manje qaphela. Laphakanyiswa, futhi esigxotsheni, kwakumele isiphambano. Manje, izinto ezintathu, manje bhekisisani. Yaphakanyiselwa yiphi inhloso na? Ukuthi babezothethelelwa enyokeni yabo . . . noma, bethethelelwe ngezono zabo, futhi baphulukiswe ekulunyweni kwabo yizinyoka. Ngabe kunjalo na? Futhi noma ubani owayebukile, waphila; owenqaba ukubuka, wafa. Manje, awukwazi ukubhekana nesono nangayiphi indlela, ungeke wabhekana nesono nganoma iyiphi indlela, ngaphandle kokubhekana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Angeke nje ukwenze. Ayikho indlela yokushumayela iVangeli ngaphandle kokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Angeke ukwenze. Kulungile.

56 Manje bukani lapha. Isibonelo nje, ukube lapha bekunendoda, futhi ibimile lapha futhi ibingishaya nje kanzima njengoba ibingakwenza, ngesibhakela sayo. Awu, manje, ukuqeda ngaleyondoda engishayayo ngesibhakela, akudingekile ukunquma ingalo yayo. Niyabo? Noma, mhlawumbe ingikhahlela ngonyawo lwayo. Asikho isidingo sokunquma unyawo lwayo. Manje, into kuphela okufanele yenziwe, ukubulala indoda, kusukela ekhanda. Ngabe kunjalo na? Uma ubulala ikhanda, ubulala ingalo, ubulala unyawo. Futhi ubulala konke okunye ko—komzimba (ingabe kunjalo na?) uma uyibulala kusukela ekhanda.

57 Awu, iyini inhloko yayo yonke lembangela ukuthi silapha namhlanje ekuseni na? Iyini inhloko yakho konke na? Yini eyenza konke lokhu kugula nesono nehlazo na? Kwakuyisono. Niyabo? Ngaphambi kokuba ube nanoma yisiphi isono . . . Ukugula kuyingxenye engehlukaniseki, noma into ethize elandela isono. Uma ungenayo . . . Ngamanye amazwi, kuyinto ephuma esonweni. Niyabo? Ngaphambi kokuba kube khona noma yisiphi isono, kwakungekho kugula noma lutho; kungekho kukhathazeka, kungekho lutho; kungekho kuguga, kungekho kuhlakazeka, kungekho zinhlungu zenhliziyo, kungekho makhaya ahlakazekile, kungekho lutho. Niyabo? Kwakuphelele nje. Awu, yini eyakubangela, kwakuyisono, i-s-o-n-o. Awu, khona-ke, ukugula kwalandela isono. Amakhaya ahlakazekile, izingxenye ezingehlukaniseki, ukuphila okubi, nazo zonke lezozinto, kwalandela isono.

58 Manje, uma ubulala isono, ufanele ubulale izingxenye ezingehlukaniseki. Akunjalo na? Awukwazi—awukwazi ukuthinta . . . Awukwazi ukuzilulaza ngesono, ngaphandle uma uzilulaza ngalokhu. Futhi uma uzilulaza kulokhu, kunguphumela esonweni. Niyabo? Manje, uma ubulala isono, khona-ke ubulala yonke into.

59 Futhi manje—manje, wena uthi, ukugula, ngezinye izikhathi uyagula, bese uthi, "Ngabe ngonile na?" O, kungahle kungabi ukuthi wonile, kodwa, khumbula, ukugula kuyahambela phezulu- . . . Ububi babazali phezu kwabantwana, nabantwana babantwana, nabantwana babo, kuze kube sesizukulwaneni sesithathu nesesine. Niyabo? Futhi kungukuwohloka nje, ukuguga, kwemizimba yabantu, nesono sinqwabelana, nokunye nokunye. Njengokuhlangana kwabesifazane nabesilisa, nokunye nokunye, kuyahambela kwehle.

60 Lapha esikhathini esithile esedlule, udokotela odumile lapha, wayenamantombazane amabili abawangenisa futhi bawaxilonga. Ayeya ngokuphuphutheka. Futhi bathola, ugconsula. Amanenekazi amancane nje ehlanzekile nje futhi eziphethe kahle njengoba ebengaba njalo, khona lapha kulelidolobha, womabili ephuphutheka. Futhi babengazi ukuthi benzeni. Bawenzela izibuko, futhi avele asuka ahamba kulokho. Futhi bawanika ukuhlolwa kwegazi, futhi kwakulapho-ke. Base bekuhlola bethathisela emuva; kwakungukhokho wawo. Niyabo?

61 Nakho uza, manje. Niyabo, kuyehla kudabula ezizukulwaneni. Kuyabhoboka kwehle. Awu, manje-ke, uma ubhekene nesono, ubhekene nokugula, ngesikhathi esifanayo.

62 Manje, uMose waphakamisa inyoka. UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 3, "Njengoba uMose waphakamisa inyoka yethusi ehlane, kanjalo neNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa." Ngabe kunjalo na? Ngamanye amazwi, leyo kwakuyinyanga elangeni. Kwakuyithunzi lalokho okwakuza. Awu, uma ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakusekuphakamiseni inyoka yethusi, kufanele kube ekuphakamiseni uJesu Kristu. Ngokuba kwakunjalo, ngokuba yonke inyoka yethusi eyayikhona, kwakungumfanekiso kaJesu Kristu, esonweni esesahlulelwe ekwahluleleni ngokukaNkulunkulu, ukwahlulela ngokukaNkulunkulu. Hhayi ukwahl- . . .

Izwe laMahlulela, futhi laMbulala.

63 Kodwa ukwahlulela ngokukaNkulunkulu kukaNkulunkulu kwenza uMuntu ongenacala, isono, amen, futhi—futhi kwahlulela khona lapho. Niyabo? Futhi Wathwala ukwahlulela ngokukaNkulunkulu kwethu—kwethu, futhi wathatha inhlawulo yami, ethatha izono zenu, necala lenu, nethikithi lenu lokuya esihogweni, nethikithi lenu lokuya ekuhlushweni.

Futhi wakuthatha kwaba kuYe, futhi wafa esikhundleni sethu, futhi wathunyelwa esihogweni endaweni yami. Amen.

64 Futhi uNkulunkulu wayengathandi ukuthi Ahlale lapho, kodwa waMvusa ngosuku lwesithathu, enzela ukulungisiswa kwethu. Ukubuka lapho, futhi uthi, "Nginguye . . . UNkulunkulu ungihlolile ngokoqobo, ukuthi ngilungisisiwe, ngoba Wavusa iNdodana yaKhe, uKristu Jesu. Ngakho-ke, ngivuswe kanye naYe, ngihlezi ezindaweni zaseZulwini." Kunjalo. Kuxazululiwe! Niyabo? Walungisisa. Wavukela ukulungisiswa kwethu.

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
> Ngoluny'usuku Uyeza—o, usuku lwenkazimulo!

Yilokho-ke. Nakho lapho okhona. Kulapho-ke:

> Amathemba ami alakhelwe ndawo
> Kunegazi likaJesu nokulunga;
> Lapho macala onke umphefumulo wami uvuma,
> Khona-ke Uyithemba lami lonke nokuhlala.
>
> Ngokuba ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo,
> Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo.

65 Nakho lapho okhona. Yilapho amathemba ethu ephumule khona, khona lapho. O, he! O, uma ngicabanga ngakho, futhi ngicabange ngalapho! Futhi uJesu wathi, "Njengoba uMose aphakamisa inyoka," inhloso efanayo, into efanayo. "Njengoba nje uMose aphakamisa inyoka ehlane, kanjalo neNdodana yomuntu imelwe iphakanyiswe."

66 "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina. Sonke thina sinjengezimvu ezidukile; uNkulunkulu wabeka phezu kwaKhe ububi bethu sonke." Nakho-ke. O, he! Ngicabanga emuva lapho, iTestamente, ngenkathi labobaprofethi beTestamente eLidala bebheke phambili lapho, embonweni, futhi baMbona eza edabula eJerusalema eya eKalvari, ethwele izono zethu ngaleya esiphambanweni. Futhi lapho wathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu." Ngenkathi u-Isaya, ekuthola ukushazisa kwakho ngelinye ilanga, wayesethi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Yachotshozwa ngenxa yobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

67 Ucabanga ukuthi bayaphi, ngenkathi beya ethuneni labo, bebuka lapho na? Akumangalisi, uDavide athi, "Inyama yami iyophumula ngethemba. Ngokuba akayikuvuma ukuba oNgcwele waKhe abone ukubola, kanjalo naYe kanjalo... Noma, Akayikuvuma umphefumulo waKhe ukuba ube sesihogweni; kanjalo Akayikuvuma ukuba ONgcwele waKhe abone ukubola. Ngalokho-ke, ngenhliziyo yami, ngenze ukuthokoza, nolimi lwami lwajabula." UDavide wakubona ngaphambilini ethunzini, futhi wathokoza. Ngoba, wayazi, ngenkathi uKristu efa, lokho kwaxazulula, kusukela ePhakadeni kuye ePhakadeni. Amen. Kwase kuphelile-ke.

68 U-Isaya wathi kuyoba nesikhathi lapho kuyoba khona ukuphulukiswa. Ukhuluma ngokuphulukisa na? Wathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, futhi ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

69 Wena uzokukhipha kanjani emiBhalweni na? Angeke ukwenze, mfowethu. Ungakwenza, ungahle ungqongqoze kukho futhi ukulwise, nakho konke okunye, kodwa Kuyoqhubekela phambili ngokufanayo nje. Ezikhathini ezingapheli nesikhathi esiyiminyakanyaka, kusazoqhubeka.

70 UPawulu ekhuluma lapha, ngokumangalisayo manje. Ingxenye yokuqala yalesi sahluko sesi-6, ake sibuyele emuva futhi sikubuyekeze kancane. Manje sizoqala ngalapha, ivesi le 12, ele 13, ndawondawo. Ukuthola nje izendlalelo ezincane eziyisisekelo, emva kokuba uMoya oNgcwele sewehlile manje, futhi ukanye nathi, futhi uhlezi phezu kwethu.

71 Isahluko se 6 sikhuluma manje ngesono esingenakuthethelelwa. Sedlule kukho konke lokho ngolunye usuku. Saqala esahlukweni se 6, kodwa sangena kothi *Isono Esingenakuthethelelwa*. Bangaki phakathi lapha owaziyo ukuthi siyini isono esingenakuthethelelwa manje na? Impela. Ukwenqaba iQiniso leVangeli! Ngabe kunjalo na? Uma...

72 "Lowo owenza isono ngamabomu ngemva kokuba esethole ulwazi lweQiniso, akusekho umnikelo ngesono." "Lapho iVangeli linekwe kini, ngokusobala," kusho umBhalo, "futhi niyaLibona; futhi ngenxa yokuthi nifuna ukwehluka, noma nivumelane naleli qembu; ukuthi ngamabomu niyalenqaba; nihlambalaze uMoya oNgcwele, futhi anisoze nathethelelwa kulelizwe noma ezweni elizayo." Kunjalo.

73 Babazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi bathi...Babazi ukuthi Wayengubani.

74 UNikodemu wakuveza. Wathi, "Ngani, impela, siyazi ukuthi UnguMfundisi ovela kuNkulunkulu."

75 Wathi, "Ngoba Yena uthi...Unodeveli!" Lapho, ngoba, Wayezo, wayengama lapho futhi abatshele ngaphambili; ngoba Wayengabuka ezethamelini futhi azitshele ezazicabanga ngakho, engqondweni yazo; futhi wayengaphulukisa abagulayo,

kanjalonjalo; abakhulekele, futhi imiphumela ifike. Bathi, "A! Lowo ngudeveli!"

76 Futhi Wathi, "Manje linda kancane. Niyakuthethelelwa ngalokho, ngokuba nikhuluma ngokumelana naMi. Kodwa uma uMoya oNgcwele esefikile, ningakusho ukuphawula okunjalo. Ngokuba—ngokuba, khumbulani, uMoya oNgcwele uzonexwayisa, enhliziyweni yenu. Ayikho indlela yaKho yokukwenza manje, ngoba ingqamuzana leGazi eNgisongwe kulo alikephulwa okwamanje. Kodwa ngelinye ilanga, umkhonto uyovula loluhlangothi, nengqamuzana leGazi liyodalulwa ngaleyonkathi. Futhi kuyophuma ukuPhila kwaMi, futhi kungene kuBaba, futhi kuyobuya esimweni sobuNkulunkulu namandla. Khona-ke ingqamuzana leGazi liyoba lapho, noMoya oNgcwele uyosebenzana nayo yonke inhliziyo yomuntu, yonke indawo. Khona-ke uma nenqaba ngamabomu iQiniso lapho Lethulwe kini, akukho ukuthethelelwa kulelizwe noma ezweni elizayo." Niyabo, kungcono uhambe ngokucophelela. Nakho lapho ukhona. Niyabo?

77 "Ngokuba yilowo nalowo owona, noma ongakholwa, ngamabomu, ngemva kokuba esemukele ulwazi lweQiniso, akusekho umnikelo ngesono, kepha ukulindela okwesabekayo kokwahlulelwa, nomlilo oshisayo, ozakuqeda iphikankani. Odelela isithunzi, ngaphansi komthetho kaMose, wafa engahawukelwa ngaphansi kofakazi ababili noma abathathu; nithi ufanele ukujeziswa kangakanani, kunalokho," umshumayeli, noma ngabe ungubani, "onyathele iGazi likaJesu Kristu ngaphansi konyawo lwakhe, wadelela isivumelwano angcweliswa ngaso," khumbula, umuntu ongcwelisiwe, "into engengcwele, futhi owahlambalaza imisebenzi yomusa. Niyabo, akusekho lutho okusele kuye ngaphandle komlilo oshisayo, futhi uyakuqeda iphikankani."

78 Uma u—uma ubona iQiniso leVangeli, futhi uhambe phezu kwaLo ngqo; ukuba nje uthandwe ngabantu, noma ukuba uye ebandleni lakho uqobo, noma ube nendlela engeyakho uqobo ngakho; mfowethu, sewenze okuthize ngaleyonkathi, ukuthi, usuphelile. Lokho akulona izwi lami manje; ngingathanda ukulenza into ehlukile. Kodwa yilokho iZwi likaNkulunkulu elikushoyo ngakho, manje, futhi Ubhekana nalokho.

79 Manje siqala ngapha evesini le 13, "Kulabo uNkulunkulu abathembisile. . . " "Ngoba lapho uNkulunkulu wayemthembisile," njalo.

> . . . *lapho uNkulunkulu wayemthembi*sile *u-Abrahama, wazifunga yena* engekho *omkhulu kunaye, wazifunga yena,*

80 Ubungathi hlobo luni lwesivumelwano esiphila ngaphansi kwaso! Manje, konke . . . Ake sifunde siqhubeke kancane.

*Wathi, Impela ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngiyakukwandisa nokukwandisa.*

*Futhi kanjalo, emva* kwalokho *waku . . .*

81 Wanikeza u-Abrahama lesisithembiso, futhi wethembisa ukuthi Uyo—Uyo mbusisa futhi amandisele kunoma yikuphi abeyokwenza.

82 Manje bukani. UNkulunkulu futhi, emva kwalokhu, wenza isifungo kukho, wafunga ukuthi Uyokwenza. Manje, uNkulunkulu wazifunga Yena, ukuthi Uyo—ukuthi Uyoqinisa isifungo leso Asinike ubaba u-Abrahama.

83 Futhi yini Ayiqinisekisa kubaba u-Abrahama na? Watshela u-Abrahama, Wamnika isivumelwano, ngokungenambandela, hhayi ngoba u-Abrahama wayengu-Abrahama. Sedlulile kulokho, emavikini ambalwa edlule, niyazi. Wanika u-Abrahama isivumelwano, ngoba uNkulunkulu qobo lwaKhe wakhetha u-Abrahama futhi wamkhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe. U-Abrahama, ngaphambi kokuba aze azalwe emhlabeni, uNkulunkulu wazi konke ngaye, wazi ukuthi wayezokwenzani. Futhi, ngomusa, Wakhetha u-Abrahama; futhi hhayi u-Abrahama kuphela, kodwa iNzalo ka-Abrahama, emva kwakhe. O, he! Uma u . . .

84 Sinesisekelo esiqine kanjani, ukuthi, lapho iNkosi yamakhosi onke, lapho uNkulunkulu wonkulunkulu bonke, lapho iNkosi yamakhosi onke, iNkosi yamakhosi onke, isiQalo seziqalo zonke, Yena uqobo, wafunga, ngaYe, ngokuba lapho akekho omkhulu, ukuthi Wayezoqinisekisa lesisivumelwano no-Abrahama neNzalo yaKhe!

85 Manje, o, lokhu kungase kusiphule, futhi kudonse, futhi kushovele ngaphandle, futhi kukhiphe, kodwa ake sikubheke kahle kushaya ebusweni futhi sibone ukuthi kubukeka kanjani.

86 Uma kunesidingo, singabuyela emuva futhi sithathe isivumelwano sika-Abrahama, uNkulunkulu asenza naye, nokuthi uNkulunkulu wazifunga kanjani Yena. Noma ubani oke uyazi ukuthi kukuphi lapho uNkulunkulu ake azifunga Yena? Asiphenye manje, uGenesise isahluko sa 22, ngiyakholwa, futhi cishe le 16. Asibuke uGenesise, isahluko sa 22 nevesi lama 16, futhi siyabona lapha lapho uNkulunkulu azifunga ngaYe—ngaYe uqobo. Kulungile, ngikholwa ukuthi yilokhu manje, uma ngingaphosisi, khona kanye endaweni, 22:16. Yebo, buka, ivesi le 15.

*Ingelosi yeNkosi yayisimemeza ku-Abrahama ngokwesibili isezulwini,*

*Ithi, Ngizifungile, isho iNkosi, . . . ngoba ukwenzile lokhu, ungagodlanga . . . indodana yakho eyodwa:*

*Ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngandise nokwandisa* wena, *inzalo yakho* iyakuba

*ngangezinkanyezi zezulu nangange*zihlabathi . . . *ogwini lolwandle; nenzalo yakho inqobe* amasango *lezitha zayo;*

87 UNkulunkulu wazifunga Yena. Haleluya! Uma lokho kungenzi umfo ezwe kuthi akampongoloze, "Haleluya," akekho . . . wena ufile. Kulungile. O!

88 UNkulunkulu wathi, "Abrahama, ngoba wenze lokhu! Hhayi lokho omunye umuntu azokwenza, kodwa ngoba wenze lokhu! Ngokukholwa uhambile, futhi ngiyihloniphile leyonto lapho. Akusekho nhlobo ukuhlonipha imisebenzi; Angeke ngikuhloniphe lokhu. Ngizohlonipha ukukholwa. Futhi ngenxa yokuthi wenze lokhu, ngaphandle kokwazi ukuthi imiphumela iyoba yini, ngikusindisile. Ngizosindisa inzalo yakho. Ngizothatha isifungo qobo lwaMi." Amen. "Futhi iNzalo yakho iyonqoba amasango esitha sabo." Amen. Lokho kuyakuxazulula, kimina. Lokho nje . . . Lokho, yilokho kuphela okufanele kwenziwe.

89 Lapha, uPawulu uyakucosha ngapha futhi, kumaHeberu, ukubhekisela emuva kukho. O, bakucosha kwabaseGalathiya, kwabase-Efesu, nakho konke, bebhekise kukho, ukuthi isisekelo sethu siqinile. Amen. Hhayi ukwakheka okuthile kwenganekwane, okuthile ekukhonzeni izithixo kobuhedeni. Kodwa ngu ISHO KANJE INKOSI, ngesifungo. Amen. UNkulunkulu wathatha isifungo ngaYe uqobo! O, he! Siqine kanjani isisekelo, nina bangcwele beNkosi! Yebo.

90 Lapho amademoni efika, lapho kufika amandla, lapho kufika ukugula, lapho ukufa ngokwakho kukugqolozele ebusweni bakho, kuvele kulahlekelwe yindawo yakho; kuvele kuncibikale njengeqhwa ekukhanyeni kwelanga, lapho sikuphonsa ekuKhanyeni kweVangeli lapho.

91 Uma niqaphela, abantu, ngezinye izikhathi wena uthatha . . . Izikhathi eziningi, abantu bebhala zonke izinhlobo zezinto nezinto, begijimisa abantu besuka ebandleni lamaProtestane baye ebandleni eliKatolika, ngoba amaKatolika akholwa ukuthi iZwi liphefumulelwe. Bayakukholwa. Bakholwa ukuthi uMarku 16 uphefumulelwe. Ngokoqobo. Bathi Uphefumulelwe. Kodwa, niyabo, udeveli usebenza kulokho, uthi, "Ibandla lingaphezu kweZwi."

92 Awu, manje-ke, iProtestane liyafika, ubona into angayiboni . . . into encane endala abangayenzi, akavumelani nayo. Awu, yena uthi, "*Lokhu* akuphefumulelwe. *Lokhu* ukuhunyushwa okungalungile kweZwi." Ezama nje ukwenza imithelela, niyabo, ukubamba, noma ukufaka khaxa isayense yezenkolo ethile ekhethekile yakhe. Niyabona? Lokho akuhlangene ngalutho naLo.

93 Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Ngikholwa lonke iZwi laLo. Kungukuthi . . . akusikho okwami ukukhipha *lokhu*,

ukukhipha *lokho*. Kungokwami ukuba ngiphile ngokweziqu zaLo, yilokho kuphela, kuze kuthi izidingakalo zaLo, njalo, uma ngizodingeka ngiphile ngize ngifike kuLokho. Ngokuba uNkulunkulu ufungile, futhi Wathi, "Oyokwenezela noma yini kuLo noma akhiphe noma yini kuLo, okufanayo kuyokhishwa, ingxenye yakhe, yeNcwadi yokuPhila." Kunjalo na? Ngakho-ke, siyaLikholwa.

94 Uma isisekelo sethu sigxilile futhi siqinisile, kuJesu Kristu, khona-ke, mfowethu, akukho okungakunyakazisa. Wena nje . . . Ugxilisiwe. Amen. O, yisho! Kulungile.

95 "Futhi ngemva . . . " I—ivesi le 15 manje.

> *Kanjalo, ese—esebekezele, wakuzuza okwathenjiswayo.*

96 O, uthi, angazi noma sizokwehlela kulesosahluko se 7, noma qha.

> . . .*esebekezele* (amen), *wakuzuza okwathenjiswayo.*

97 Ungenza into efanayo, kulokhu ukusa na? Ungabeka ukukholwa kwakho, futhi uthi, "Ngu ISHO KANJE INKOSI"? Futhi kungakhathaleki ukuthi kuza noma kuhambani, noma ngabe namuhla kulula, kusasa kunzima, ngosuku olulandelayo bayakugcona, ngosuku olulandelayo bahlekisa ngawe, ngosuku olulandelayo bathi ngi "yahlanya," Ngiyabekezela. Amen!

98 "Ngemuva!" Hhayi *ngaphambi* kokuthi ebekezele, kodwa, "Esebekezele, wazuza isithembiso." Amen. O, he! Nakho-ke. Niyakubona na? Mfowethu, lokho kunyakazisa kususe bonke odeveli nakho konke okunye. Niyabo? Niyabo? Nakho-ke.

99 Futhi uSathane uyafika, uthi, "O, manje, ngiyakutshela, wena usetshenziwe kancane. Wena nje—nje—nje ungavele nje ube uhlobo olunokuzwakalayo ngalento."

Uthi, "Ngu ISHO KANJE INKOSI, Sathane!"

100 Kungakhathaleki ukuthi kuza kanzima kanjani, ukuthi kubukeka kanjani, ukuthi noma ubani uthini! "Ngifuna ukukwenza; ngokuba nesineke." Hhayi ukutetema! Umuntu akakwazi ukuba nesineke, nokutetema ngaso sonke isikhathi. Ufanele nje ubeke oseyili bakho baqonde ngqo lapho, futhi uhambe uqonde ngqo. Kungakhathaleki ukuthi kwenzekani; qhubekela phambil ngqo.

101 Lalelani. Ngizosho okuthize. Bukani. Ukukholwa akuzwa. Amen. Niyakukholwa na? Ngikufundile lokho eminyakeni yokuhamba emhlabeni jikelele, nokuhlangana nabantu bazo zonke izindlela ezahlukahlukene. Kodwa, ukukholwa akuzwa. Unokukholwa futhi awukwazi ngisho. Kunjalo.

102 UJesu Kristu, akunandaba, uma Wayesesiphephweni nesivunguvungu sishaya umkhumbi kusuka kolunye uhlangothi kuye kolunye, noma Wayemi ebusweni, isiphithiphithi

samademoni; uma Wayelenga noma yikuphi, akuzange kuMnyakazise. Wahamba waqhubeka ngqo, ethobile futhi ethule nje njengoba Wayengaba njalo. Ngani na? Wayengenakuzwa kalula nje ukwesaba nanoma yini eyayiMzungezile. Kunjalo. Noma ngabe kwakuzokwenzeka, noma ngabe kwakungeke kwenzeke; Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka ngoba uNkulunkulu washo njalo. Akazange athi, "O, sengikhuleke ngaqeda na? Angazi noma sengizile ukudla isikhathi eside ngokwanele yini na? Angazi noma ngikwenzile yini *lokhu* na?" Wavele wahamba waqhubeka ngqo, engenakuzwa. Kunjalo. Wakholwa ukuthi lokho uNkulunkulu ayekushilo kwakuyiQiniso. AmaZwi afanele agcwaliseke, futhi Wayazi ukuthi impilo yaKhe yayiyini ukuba aWagcwalise. Kunjalo.

103 Futhi ulapha ukuze uLigcwalise, futhi. Hamba nje ungenakuzwa ukwesaba. Hamba ungenakuzwa ukugxekwa. Hamba ungenakuzwa ezweni. Hamba, njengoba uhamba kuKristu, hamba naYe. Ukunganaki lutho, isandla sokudla noma sokunxele; uqhubeka nje uhamba. Uma kuvela okuthile ebandleni; hamba noNkulunkulu. Haleluya! Uma ukugula kukushaya; hamba noNkulunkulu. Uma umakhelwane engakuthandi; hamba noNkulunkulu. Qhubeka nje uhamba noNkulunkulu.

104 U-Enoke, ngelinye ilanga, wahamba kanjalo. Niyazi ukuthi wenzeni na? Wahamba yonke indlela eya eKhaya, noNkulunkulu; wakhuphuka kakhulu ngomgwaqo, wayengasafuni ukubuya. Amen.

105 Hamba noNkulunkulu! Udokotela uthi uzokufa; hamba noNkulunkulu. Ya. Udokotela uthi angeke wena . . . Awu, hamba noNkulunkulu. Hamba noNkulunkulu nje, yilokho kuphela. Ngokuba uNkulunkulu ukuthembisile, "Angisoze ngakushiya noma ngikulahle. ngizoba nawe kuze kube sekupheleni kwezwe." Futhi Wenza isifungo, ngaleso sivumelwano Akunika sona, ukuthi Uyosiqinisekisa. Hamba nje noNkulunkulu, khona-ke.

106 Uyoba nokuphumelela nokungaphumeleli kwakho. Ungakhathazeki. Ufanele udabule izixhobo zameva, phezu kwamadwala acijile, phezu kwamanhlonhlo, phansi phezu kwamagquma, phezulu kudabule ezintabeni, phezu kwamanzi; kodwa hamba noNkulunkulu. Yebo, mnumzane. "Maningi kakhulu amagquma ukuba akhushukwe, phezulu," ulizwile iculo elidala, "kodwa kuzobonakala kukuncane kanjani uma ufika ekugcineni kwendlela." He, he! Bukani nje lapho, konke obekukhona, bukani emuva ezinyathelweni zakho; angeke kube kukhulu kakhulu.

*. . . kwathi . . . esebekezele, wakuzuza okwethenjisiwe.*

> Madoda, *ngokuba* uma *abantu*…*funga omkhulu kunabo*: isifungo sika…siqinisiwe, *isiqinisekiso siyaqeda ukuphikisana konke.*

107 Ngamany'amazwi, uma abantu befunga, uma beza kuwe futhi benza isifungo, kungukuphela kwakho konke ukuphikisana; niyakukholwa, niyabo.

> *Kulokhu-ke uNkulunkulu—kulokhu-ke uNkulunkulu, ethanda kakhulu,* o, *ethanda kakhulu ukubonisa* kubo *izindlalifa zesithembiso* okungaguqukiyo *kwecebo lakhe*, o, *walamula ngesifungo:*

108 UNkulunkulu wayefuna ukukukhombisa. Ngokwecebo laKhe, Wayekufuna. Wakuqinisekisa ngesifungo, ukuthi aniyikuba nemikhawuko eyaluzayo ngakho. Manje bhekisisani lapha.

> *Ukuthi ezimbili ezinge-*…*izinto—izinto ezingeguquleke, okungukuthi* futhi uma *uNkulunkulu angeqambe amanga kuzo, sibe nenduduzo enamandla thina, esibalekele enqabeni* e…*bambeni ithemba elimisiweyo phambi kwethu:*

109 Akunakwenzeka ngempela ukuba uNkulunkulu aqambe amanga. Leyo yinto eyodwa. Ngabe kunjalo na? Manje, akunakwenzeka ukuba uNkulunkulu aqambe amanga. Kukhona okubili kwakho. Okokuqala, akunakwenzeka ukuba uNkulunkulu aqambe amanga. Manje, into elandelayo ingukuthi, ukuthi uNkulunkulu uqobo lwaKhe, angeke aqambe amanga…Ukukwenza kuphelele, kuphindwe kabili, Wafunga ngakho, amen, ukuthi Uzoqinisekisa lesi sifungo. O, yeka enkulu…

110 Asibuyele emuva futhi sibone ukuthi yini isifungo. Nizokwenza yini, umzuzu nje, okomzuzu nje na? Emuva ku—eNcwadini kaGenesise, bengikufunda lapha ngoluny'usuku, isahluko sev 15 sikaGenesise. Nakhu la esiya khona. Lalelani isifungo uNkulunkulu afunga kuso, uma ufuna ukufunda okuthile ukuze uzizwe ujabule ngempela.

> *Emva kwalokho kwafika izwi leNKOSI ku*-Abrahama *ngombono, lithi, uNgesabi,* Abrahama: *ngiyisihlangu sakho, no*…*umvuzo uyakuba-mkhulu kakhulu.*

111 "Ngiyisihlangu sakho." Uma uNkulunkulu eyisihlangu sakho, udeveli uzokushaya kanjani na? Niyabo? Niyabo? "Ngiyisihlangu sakho, nomvuzo wakho omkhulu kakhulu." Ubani na? "Ngingu," iNkosi, "umvuzo wakho omkhulu kakhulu."

> *Kepha* u-Abrahama *wathi, Nkosi* N*KULUNKULU, uyakungiphani, ubona* ukuthi *ngihamba ngingenamntwana, indlalifa yendlu yami ingu-Eliyezeri waseDamaseku?*

U-Abrahama *wathi*. . .

*U-Abrama wathi, Bheka, awunginikanga nzalo: futhi, bheka, inceku yendlu yami iyakuba-yindlalifa* yami.

*Futhi, bheka, izwi leNkosi leza kuye, lithi, Lona akayikudla ifa lakho; kepha oyakuza*. . .*phuma ezibilinini zakho uyakudla ifa lakho*.

112 UNkulunkulu wayesemtshelile, eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu ngaphambili, ukuthi Wayezokwenza. Ngakhoke u-Abrahama uqala ukumangala manje, "Manje, Nkosi, kuphi, kuzokwenzeka kanjani manje na? Futhi, niyabo, ngineminyaka eyikhulu ubudala."

113 Manje qaphelani, "Futhi Wamletha ngaphambili. . ." Nakhu, nakhu kufika.

*Wamphumisela ngaphandle, futhi wathi, "Bheka* ngase*zulwini,* ungibalele *izinkanyezi, uma ungazibala: wathi kuye, Kuyakubanjalo inzalo yakho*.

114 Futhi nokho wayengakabi ngisho nabantwana, futhi eneminyaka eyikhulu ubudala. Wathi, "Bheka phezulu ngasemazulwini. Ungazibala yini lezo zinkanyezi na?"

115 Futhi lapha, phandle eMount Palomar, noma eMount Wilson, njalo, eCalifornia, ngibuka laphaya kuleyondawo enkulu yokupopola, lapho ungathatha ingilazi futhi ubone iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya. Manje, wena uyacabanga, amehlo akho angabona kuphela izinkulungwane ezingaka zamamayela kude, niyabo, mhlawumbe izigidi ezithi azibe mbili, izigidi ezimbalwa. Kodwa lena iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili. Bhekani nje, ningabona esimweni sokuhamba kwelanga, lezozinkanyezi nje. Ezinye zazo ziseduze, futhi ezinye zazo zikude kakhulu, kanjalonjalo. Kodwa ukubuka eminyakeni eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, cabanga nje ukuthi kuyini, ukuthi ukukhanya kuhamba ngokushesha kangakanani. Futhi iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, ngani, ubungeke ukwazi ukugijimisa umugqa wezibalo uzungeze lelibandla, izikhathi eziyishumi, zeziyisishiyagalolunye, futhi wenze ukuthi kungaba amamayela amangaki. Futhi phandle lapho, kuseyizinyanga nezinkanyezi, ngaphandle kwalapho.

116 Inzalo ka-Abrahama! Khona-ke, zibale? Ubungeke ukwenze. "Iyakuba njalo inzalo yakho." Futhi lalelani. Nakhu okwakwenzayo.

*Wakholwa yiNkosi;* o, *wambalela lokho* kkukho *ukulunga*.

117 Akazange athi, "Manje, Nkosi, ngizokutshela engizokwenza. Ngizokwenza into *ethize-ethize*. Futhi ngizokwenza *lokhu*, noma *lokho*." Yena, wavele wakholwa yiNkosi, futhi kwabalelwa kuye

njengokulunga, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Wayefungile ngakho, ukuthi Uyokwenza.

> *Wayesethi kuye, NgiyiNKOSI eyakuphumisa e-Uri la . . .* iKhaledi, *ukuba ngikunike lelizwe libe-yifa lakho.*
>
> *Wathi, Nkosi NKULUNKULU,* ngizakwazi n*gani ukuthi ngizolidla.*

118 "Manje, anginabantwana manje. Kodwa unganginika uhlobo oluthile lwesibonakaliso na?"

119 Uyazi, angiyena ofuna isibonakaliso, kodwa ngikholelwa ezibonakalisweni. Kunjalo. Niyabo? Uma singekho isibonakaliso esingabonakali esinikezwe umuntu, namuhla . . .

120 Ngani, akumangalisi abantu bengeke bakholwe! Bayahambahamba, futhi abantu bavele bakhipha konke okungaphezu kwemvelo eBhayibhelini, futhi bavele bathatha . . . Manje, i—indoda iyakhuphuka futhi ithi, "Ngisindisiwe." Impela. Awu, angeke—angeke umngabaze. Kunjalo. Angeke umngabaze. Indoda yenyuka ngomgwaqo, idakwe ngakho konke engaba yikho, ne—nesigazu emlonyeni wayo, futhi idiyazela, impongoloza "Huu," nokuthuka, wonke umoya. Yayithi, "Ngisindisiwe, ngoba ngiyakholwa." Wawungeke . . . Uzothini ngakho na? Akukho ongakwenza. "Ibandla lami liyangingenisa. Ngiyilunga." Uzokwenzani ngakho na? Akukho ongakwenza. Kunjalo. Kunjalo impela.

121 Kodwa indlela kuphela ongasho ngayo kungesibonakaliso. Ngabe kunjalo na? Kunjalo impela. Ufanele ubone isibonakaliso, ukuze ukukhombise. Manje, uma nje kungukukholwa kuphela, khona-ke ukukholwa akukwenzi.

122 U-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu, kunjalo, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga. Kodwa uNkulunkulu wamnika isibonakaliso; wamsoka, njengesibonakaliso, uphawu. Khona-ke, inzalo ka-Abrahama noma kunjalo yemukela ukusokwa. Benza kuwo wonke unyaka, kwaze kwaba i—inyanga iyashabalala, umthetho, futhi iNdodana yangena. Futhi ngenkathi iNdodana kaNkulunkulu ifika, Yabasoka nokho.

123 Futhi yonke indodana ka-Abrahama isokiwe namuhla, hhayi okwenyama, futhi okwenhliziyo. UMoya oNgcwele usoka inhliziyo, usika ususe izinto zezwe, futhi ukwenze isidalwa esisha kuKristu Jesu. *Ukusoka* kungu "kunquma inyama eseleyo." Abesilisa kuphela ababengasokwa. Bonke abesilisa kwakunguye kuphela esivumelwaneni. Futhi owesifazane, engoshadile, wangeniswa. Wena thatha, namuhla, uma . . . Manje angisho . . .

124 Kunabesifazane abaningi lapha, futhi abesifazane bayinto emangalisayo. Uma uNkulunkulu ubenganika owesilisa noma yini engcono kunowesifazane, Ubeyokwenza njalo. Kodwa Umnika owesifazane.

125 Kodwa leli yizwe lowesifazane. Ulawula yonke into. Hhayi nina bomama bezindlu lapha; kodwa ngiqonde phandle lapho ezweni. Ake sithi, makuthi bonke abahhunduli abancane phandle eHollywood, baqale ukugunda izinwele zabo, abesifazane abathize, buka wonke amantombazane agunda izinwele zawo ngendlela efanayo. Noma, baqala isigameko esithize, ekugqokeni, futhi buka onke amantombazane enza into efanayo; amaKristu nabo bonke, ababizwa kanjalo. Kunjalo. Izwe lowesifazane.

126 Niyaqaphela, bapenda izithombe ze—zengelosi yowesifazane. Ayikho into enjalo. Ngikhombise indawo eyodwa emBhalweni. Yonke iNgelosi iyindoda, hhayi abesifazane. Ingelosi yesifazane, umama uMariya, nazo zonke lezizinto ezinjalo, ayikho into enjalo. Thola indawo eyodwa emBhalweni lapho ake athi kwakukhona iNgelosi yesifazane. Kuhlala njalo kungu, "Yena owesilisa." UMikhayeli! UGabriyeli! "Wahosha inkemba yaKhe owesilisa." Kuhlala njalo kungukuthi, "Yena owesilisa, Yena owesilisa, Yena owesilisa, Yena owesilisa." Kunjalo.

127 "Owesifazane wenzelwa indoda, hhayi indoda owesifazane." Impela. Kodwa bona, kanjani bona . . .

128 Yilokho nje udeveli akuthatha, owesifazane, ensimini yase-Edene, enzela ithuluzi lakhe. Usamsebenzisa yena owesifazane. Kunjalo.

129 Hhayi abaphendukile, hhayi abaphendukile! Owesifazane ongumKristu, nowesifazane olungileyo, into engcono kunazo zonke indoda engayithola, ngaphandle kwensindiso. Kodwa loyo ongalungile, uyinto embi kunazo zonke angayithola, ngaphandle. Kunjalo.

130 USolomoni washo, ukuthi, "Owesifazane olungileyo wayeyigugu emqheleni wendoda, kodwa ongalungile wayengamanzi egazini lakhe." Igazi lakhe liyimpilo yakhe. Futhi kukhulu kanganani angaba nakho kunamanzi egazini lakhe na? Bekuyombulala.

131 Manje qaphelani, uNkulunkulu ekhuluma ku-Abrahama. Manje qaphelani.

> *Wathi, Nkosi* N*KULUNKULU, ngiyokwazi ngani, ukuthi ngizolidla ifa na?*
>
> *Wathi kuye, Ngithabathele isithokazi esineminyaka emithathu ubudala, ne—nembuzi eyisikazi eneminyaka emithathu ubudala, nenqama eneminyaka emithathu ubudala,* namahobhe amabili, *nephuphu lejuba.*

132 Nakhu kuhamba. Kubhekisiseni manje.

> *Wamthathela zonke lezo, wazinquma phakathi, wabeka kwabayileyo naleyo naleyongxenye ukuba*

> *ibhekane nenye:* . . . (O, he, yeka i—yeka incazelo lokhu okunayo!) . . . *kepha izinyoni* akazihlukanisanga.

133 Manje wanquma isithokazi nezimbuzi, nezinto, ngokwehlukana, futhi wabeka izicubu, esinye kwesinye, ekhombisa ukuthi ziyohlangana okwesisila sejuba kusukela esimiselweni sesikhathi kuya kwesinye. Kodwa amahobhe, nento, akazange akwehlukanise.

> *Kwathi amanqe* omoya ehlela *phezu kwezidumbu*, u-Abrahama *wawaxosha*.

> *Kwathi* selishonile *ilanga, ubuthongo obunzima bamehlela u-Abrama; futhi, bheka, washaywa luvalo lobumnyama obukhulu.*

> *Wathi ku-Abrama, Yazisisa ukuthi inzalo yakho izakuba-ngu . . . mfokazi ezweni elingesilo elayo, futhi* bona *bayakuba-yisigqila; bayakucindezela iminyaka engamakhulu amane:*

134 UNkulunkulu ebikezela, ku-Abrahama, ukuthi le ezansi esizukulwaneni sakhe kubazukulu-babazukulu-babazukulu wayeyogogobala ezweni lezizwe, iminyaka engamakhulu amane, wayeyohlushwa. Isikhathi esimisiwe, impela, kuyoba yisikhathi eside kangakanani. Manje bukani.

> *Kepha lesosizwe, eyakuba-yizigqila zaso, ngiyakusahlulela mina: ngasemuva iyakuphuma inempahla eningi.*

135 Bakwenza. "Futhi wena uyaku . . ." Bukani. Ngikhuluma ngobungcwele . . . Bukani. Futhi hhayi ngisho . . . Ngokungenambandela! Ini?

> *Kepha wena uyakuya koyihlo ngokuthula;* . . . (Amen!)

> . . . *uyakuya koyihlo ngokuthula; umbelwe usumdala.*

136 Hhayi, "Uma uzokwenza izinto ezithile." Kodwa, "Sengivele ngiKwenzile, ngabeka uphawu." Amen! O, he! Ngivele ngiphele wonke, uma ngithola lokhu, kuze kuthi imizwa yami igxumele phans-na-phezulu emzimbeni wami, kubukeka kanjalo. Uma ngicabanga ngalesosithembiso, o, mfowethu!

137 Bengitshela umkami namhlanje ekuseni. Ngiqalazile, futhi ngathi, "S'thandwa, uyazi . . ." Bengikhuluma ngomfowethu—wethu kanye nabo, ukuthi kanjani abantwana babo—babo . . . Nangu uRebeka, osecishe abe yintombi impela. Futhi—futhi ngathi, "Ngifuna ukuzama ukusuka lapha, ngaphambi kokuba angene kulesisikole, nokunye nokunye," futhi kuqhubeke kanjalo. Futhi ngathi, "Uyazi, asisebona abantwana." Ngathi, "Anginjalo, noma kanjani." Ngathi, "Uyazi, ngizoba namashumi amane nesithupha maduze nje." Ngathi, "Ngi—Sengizoba indoda endala."

138 Kodwa, o, he, khona-ke lapho ingqondo yami izula ngalapha esifungweni sikaNkulunkulu esithenjisiwe kimi, bese kuthi-ke konke lokho kuyashabalala khona-ke. Mina nje . . . Yonke into ibonakala yehlukile. Manje bukani, " . . . ekugugeni okuhle."

*Esizukulwaneni sesine iyakubuyela lapha: ngokuba ububi bama-Amori abukapheleli.*

139 UNkulunkulu, enza isithembiso saKhe. UNkulunkulu wasinika u-Abrahama, ngaphandle kombandela. Manje bukani, ngenkathi Esho lokhu. O, nasi isithombe esihle, ukuba nje besingaba nesikhathi sokukuqeda, ngaphambi kokuba sehle siqedele lokhu, isithombe uNkulunkulu asenzile. Bhekani.

Wathi, "Hamba ungitholele isithokazi esineminyaka emithathu ubudala."

140 Bhekisisani, "okuthathu." Yonke into eBhayibhelini ingokuthathu. Okuthathu kuhlangana kube ngokukodwa. Niyabo? UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; hhayi oNkulunkulu abathathu. Oyedwa! Ukukholwa, ithemba, nothando; hhayi izinto ezintathu ezahlukene, kodwa yonke ingqikithi yokukodwa: uthando.

141 Manje, khona-ke, kwakukhona ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; hhayi izimiselo zesikhathi ezehlukene, hhayi imisebenzi emithathu yomusa, kodwa umsebenzi owodwa ngokubonakaliswa okwehlukene. UMoya oNgcwele ofanayo wawunoLuther, ngaphansi kokulungisiswa; wawungaphansi kukaWesley, ngokungcweliswa; eBandleni manje, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele ofanayo! Hhayi oMoya abaNgcwele ababili; uMoya oNgcwele ofanayo!

142 Ummbila omncane okhuphukela lapha, entweni yokuqala, nomlimi wabuka futhi wabona lamahlumela amancane emila. "Kuhle kakhulu!" Wajabula. Emva kwesikhashana, aguga futhi abuna, nommbila wakhe waqhubeka. Kuwo, ukuphila okufanayo okwakukulommbila, ezansi lapha ohlangeni lokuqala, lukulo phezulu lapha esikhwebini nasohlamvini, ngokufanayo nje. Kwavele kwaqhubeka, kwaqhubeka, kwaqhubeka, kwaqhubeka.

143 Futhi kanjalo neBandla liyakhula liyaphambili, kuze kube yiloloSuku oluphelele lapho uJesu eyofika. Niyabo? UMoya oNgcwele ofanayo, into efanayo, isimiselo sesikhathi esehlukene nje.

144 Manje, ekuhambeni kwaLokhu, bukani. Thatha izithokazi, izimbuzi, nakho konke, kufanele kube neminyaka emithathu ubudala. Izimiselo zesikhathi ezintathu ezahlukene; ububaba, ubudodana, uMoya oNgcwele. Niyabo? "Iminyaka emithathu," konke kwakuyiminyaka emithathu; kwakusho ukuthi, uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. UNkulunkulu ofanayo owayengaphansi kwa*leso*simiselo sesikhathi, kungaphansi

kwa*lesi*simiselo sesikhathi, ngaphansi kwa*leso*simiselo sesikhathi, futhi kuzofana. Munye kuphela uNkulunkulu; izimiselo zesikhathi ezintathu. Hhayi oNkulunkulu abathathu; izimiselo zesikhathi ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo!

145 UNkulunkulu ofanayo, wayeseNsikeni yoMlilo, wayekuKristu Jesu. Ofanayo, kuKristu Jesu, kini. Kunjalo. "UNkulunkulu kuwe, ithemba leNkazimulo." Ngabe kunjalo na? Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ohlezi kumuntu manje, uba (ini?) amadodana kaNkulunkulu.

146 Ngenkathi uNkulunkulu ezehlisa, wasibekela uMariya intombi, WayengukuPhila. Futhi ukuPhila kwasibekela futhi kwadala ingqamuzana leGazi ngakuKho.

147 Noma ubani uyazi, manje, ukuthi ingqamuzana legazi livela ko (ini?) owesilisa. Ngabe kunjalo na? Ukuphila kulele engqamuzaneni legazi, nengqamuzana legazi liphuma kowesilisa, hhayi kowesifazane. Futhi yilapho ukuphila okukhona, kusesidodeni sowesilisa.

148 Qaphelani, khona-ke uNkulunkulu qobo lwaKhe ungena esizalweni sentombi uMariya, futhi Wazisonga ngengqamuzana leGazi elidaliwe. Haleluya!

149 Yingalesosizathu sinokuPhila okuPhakade. Khona-ke uma lelongqamuzana leGazi, ngenxa yesono, lahlatshwa ngenkemba ngaleya, futhi laphuka, lamkhulula uNkulunkulu ngaleya. Futhi laqhekeza lwavula ingqamuzana leGazi lase lisigeza, lase lisingenisa kuYe, ngoMoya oNgcwele. Nakho la ukhona. Futhi manje singamadodana kaNkulunkulu, ingxenye kaNkulunkulu. UbuNkulunkulu qobo lwaKho buhlala kulo lonke ikholwa. Wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uyingxenye kaNkulunkulu.

150 Akumangalisi ekholelwa kokungaPhezu kwemvelo! Akumangalisi engakholelwa kunoma yini! Kungani kunjalo na? Kuye kukhona ingxenye kaNkulunkulu, isongwe kulowomzimba ofayo lapho; lapho okukhona khona isono nakho konke okunye, kudale lomzimba. Kodwa phansi phakathi lapho, omunye umsebenzi kaNkulunkulu yedwa, ekuzalweni kabusha, kuyehla kudabule lapho; ngokuchithwa kweGazi laKhe uQobo, nokususa lelogazi elaliphakathi lapho, njengendlela, futhi alibeke eceleni, futhi langena kulomuntu onesono. Futhi kufake kuye ithemba lokuthi wayezoLifela, futhi ngokukhululeka njengoba ubengama lapho. Khuluma kuye; impela, uyaLikholwa!

151 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; futhi bakhulume ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka; noma baphuze izinto; noma bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." UJesu washo lokho.

152 Kungani na? Usebe yingxenye yaKhe. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu usesimeni. Uzoletha noma yini. Uzoyenza indlela.

Lapho kungekho indlela, Wenza indlela. Futhi noma yimuphi umuntu okholelwa kuYe, ukholwa yinto efanayo. Kumele enze njalo. Yena uyingxenye kaNkulunkulu. Uyinzalo kaNkulunkulu. Uyindodana kaNkulunkulu, noma indodakazi kaNkulunkulu. Futhi akukho okunye angakwenza, ngoba uNkulunkulu ukanye naye ngqo. Uyingxenye nje kaNkulunkulu.

153 Bheka. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, eNsikeni yoMlilo, Wakuthululela eNdodaneni, uJesu Kristu. "KuYe kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." Ngabe kunjalo na? IBhayibheli lakusho lokho. UNkulunkulu, N-k-u-l-u-n-k-u-l-u, qobo lwaKhe, uJehova, OnaMandla, isiHlangu, iHawu, onke amagama aKhe okuhlenga, yonke into Ayeyiyo, Wayithululela kuJesu Kristu.

154 NoJesu Kristu, owazalwa evela engqamuzaneni leGazi. Futhi isihlangu sangaphandle sengqamuzana, qobo lwaso, esincane ngezigidigidi eziphindwe ngezigidigidi kunalokho iso lomuntu elingakubona, kodwa lowo kwakungumzimba, iNkosi uJesu. Ngaphakathi kwalowo kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe. WaZisonga engqamuzaneni leGazi, ukuze athathe iGazi laKhe uQobo futhi achithe iGazi laKhe uQobo, noma—noma aLinikele ngesihle; ukuze thina, ngokwephula kwalelongqamuzana leGazi, kowethu ofayo, ngenkathi Lephuka, futhi ukuphila kwethu kuyasuka lapha ukuze kuphume. Ngokuhlengwa, kwe—kweGazi uNkulunkulu alidingayo, singangeniswa kulowoMzimba futhi sibe yingxenye kaNkulunkulu qobo lwaKhe, njengendodana kaNkulunkulu.

155 Mfowethu, uma ungakwentshisa Lokho, impela kuyokusiza. Ngifisa sengathi ngabe nginendlela ethile nje—nje yokubonisa ukuthi kuyini. Cabanga nje ngoNkulunkulu, uJehova, ehla engena esizalweni sowesifazane, wasibekela. Ehla engena e, manje, uMoya, futhi Uphakathi lapho. Uyini Yena na? UnguMdali, qobo lwaKhe. Wenza yena kanye owesifazane ne—nesizalo Ayesekuso ngaleyonkathi. UNkulunkulu wazenza Yena wabamncane, wehla futhi wangena kulelingqamuzana leGazi. Futhi Uqala ukwakha into ethize ezungeze yeNa. Kwakuyini na?

156 Niyabo, yini—yini eyabangela lento emuva lapho ekuqaleni na? Igazi. Igazi, ukuphila kwakusegazini. Futhi emuva lapho yilokho okwakubangela, ekuqaleni. Manje, ukukususa, uNkulunkulu qobo lwaKhe uzofanele ehle.

157 Futhi Wazenza Yena wabamncane ngempela. Wangena esizalweni sikaMariya, futhi wadala ngakuYe, udonga, okwakuyingqamuzana leGazi; akukho-muntu, qhabo, lutho ngaKho. Wadala lelingqamuzana leGazi. Lelongqamuzana leGazi laphushela kwelinye, elinye, elinye, nayo yonke imizwa nakho konke kwaqala ukungena. Futhi uNkulunkulu, qobo lwaKhe, ephila lokhu, enza itabernakele, futhi Wahlala kuKristu.

158 Nangu uNkulunkulu, ehambahamba. Wathi, "Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi ukiMi."

159 Wathi, "Sikhombise uBaba manje." UFiliphu wathi, "Ngikhombise uBaba futhi kuzonganelisa."

160 Wathi, "Filiphu, kade Nginawe isikhathi esingaka, futhi awuNgazi na?" Wathi, "Uma ungibona Mina, ubona uBaba. Futhi kungani uthi, 'Ngikhombise uBaba'? Mina noBaba siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi manje. AkuMina owenza imisebenzi; yiLowo ohlala kiMi, owenza umsebenzi." O, he!

161 Bengingayitshela kanjani indoda ukuthi yini ebingalungile ngayo na? Bengingayitshela kanjani ukuthi ikusasa layo liyoba yini, iminyaka eyishumi, noma ukuthi yayiyini eminyakeni engamashumi amane edlule na? Akumina. Haleluya! NguYe ophila kimi. Lokho kwehla futhi, ngeGazi laKhe, kwangifaka enhlanganyelweni kanye naYe. Haleluya! Izandla zami bezingenza kanjani noma yini, ngokuphulukisa abagulayo na? Akunawo namancane amandla. Akusimina. Kodwa nguYe, ohlala phakathi lapha, okwenzayo.

162 Ibingalishumayela kanjani *le*ndoda iVangeli na? Angeke ilishumayele iVangeli; akukho lutho kuyo ukuba ikwenze ngakho. Iyisoni ngokwemvelo. Kodwa uNkulunkulu wehla futhi wahlala kuyo, wayenza indodana kaNkulunkulu, futhi yashumayela iVangeli. Kungani ikholwa yiZwi na? Ngoba yena kanye uNkulunkulu, owenza iZwi, ulishumayela ngayo ngqo.

163 Ngikubona kanjani! Niyakubona na? Nakho-ke. Yena kanye uNkulunkulu, owaloba iZwi, ukumuntu, ethi, "Lelo yiQiniso. Angikhathali ukuthi noma ubani uthini. Lelo yiQiniso." Nakho-ke. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye.] UNkulunkulu, kumuntu, eliqonda iZwi laKhe uQobo. Haleluya! Lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu, phakathi *lapha*!

164 "Kholwa yizo zonke izinto. Themba izinto zonke. Bekezelela izinto zonke." Ngabe kunjalo na? "Wonke umBhalo ungukuphefumulelwa uNkulunkulu." UNkulunkulu waWuloba.

165 Uma uNkulunkulu engena *lapha*, uNkulunkulu uyaliqonda iZwi laKhe uQobo, uthi, "Impela, Lelo yiQiniso." Manje, uyahamba uyoLinyanga phandle ndawo ndawo, lokho kuphakathi kwakho noNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu uyaliqonda iZwi laKhe uQobo. Amen. O, lokho kusenza sizizwe kanjani, iZwi likaNkulunkulu eliphefumulelwe! Qaphelani.

166 Ngimuzwile lowomshumayeli omncane weNazarene eNew Albany, kulokhu ukusa, ethatha olunye uhlangothi lwaLokho. Mfowethu, ngiqonde ukuthi walibeka lapho ngempela, futhi, ngokuthi, "Yonke imiBhalo inikezwe ngokuphefumulelwa." Yebo. Unjalo.

167 Manje, uNkulunkulu wenze isithembiso, futhi Watshela u-Abrahama Ayeyokwenza. Wathatha isifungo saKhe. Wazifunga

Yena; akekho omkhulu. Ngakho-ke uNkulunkulu qobo lwaKhe . . .

168 Konke lokho Ayeyikho, eNsikeni yoMlilo, WayekuKristu Jesu. "Ngokuba uNkulunkulu . . ." IBhayibheli lasho. IBhayibheli lathi uNkulunkulu wazithulula . . . Uyazi ukuthi wenzani, lapho sithulula noma yini na? Wazithululela Yena uqobo kuKristu. Cabanga nje, uNkulunkulu wazithululela Yena uqobo kuKristu. "Futhi uKristu wacabanga ukuthi akusikho ukuphanga ukulingana noNkulunkulu," ngokuba WayenguNkulunkulu.

169 Yileyonto abaMbulalela yona, "ukwephula usuku lwesabatha; Ezenza uNkulunkulu."

170 Futhi Wayeyi "Nkosi yeSabatha," futhi WayenguNkulunkulu, u-Emanuweli, uKristu! "UNkulunkulu, ekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo." Manje, nakho konke uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu.

171 Futhi konke uKristu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni. Ngakho-ke awuboni ukuthi kanjani . . .

172 UKristu, kungakhathaleki ukuthi izazi zezenkolo zathini, Wakholwa nguBaba. Ngabe kunjalo na?

173 Bathi, "Uyahlanya!" Bathi, "UnguBelzebule! Ungudeveli!"

174 Wathi, "Ungazedlulela ngalokho manje, ukhuluma ngaMi. Kodwa uma uMoya oNgcwele efika, ungakuzami." Niyabo?

175 Ngokuba, uKristu wakholwa nguBaba. Kungakhathaleki ukuthi abafundisi bathini, Wakholwa nguBaba. Ngabe kunjalo na? Ngokuba, uNkulunkulu wayeZithululele kuKristu, nobuNkulunkulu babukuKristu. Whewu! Ngiyethemba ukuthi niyakuthola.

176 Futhi, manje-ke, lokho uKristu ayeyikho, Wakuthululela ekholweni likaMoya oNgcwele. Ngakho-ke, akunandaba ukuthi noma ubani uthini, uyalikholwa iZwi likaNkulunkulu. Niyabo, ufanele, ngokuba, konke lokho uKristu ayeyikho. Konke uNkulunkulu ayeyikho, kwakukuKristu; futhi konke uKristu ayikho, kukuwe, okholwayo.

177 UKristu angeke akutshele okuthize, ame eduze futhi aKuphike. Angeke alihoxise iZwi laKhe. Angeke athi . . . Manje, ngingasho, ngingasho okuthize; ngithi, "Awu, ngiyaxolisa. Bengingahlosile ukukusho ngaleyondlela." Kodwa, Angeke. Uzofanele abambelele kulokho Akushoyo. UnguNkulunkulu. Akanakuphosisa, futhi Uzofanele ahlale nalokho Akushoyo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . UNkulunkulu, futhi Ongenakuphosisa, Uzofanele ahlale nalokho Akushilo.

178 UNkulunkulu wenza isifungo, wethembisa u-Abrahama, futhi wazifunga Yena, ukuthi, "Ngizokusindisa nenzalo yakho emva kwakho." Iyini inzalo ka-Abrahama manje na? Ngubani

lowo onalokhu kubamba okuqinisile na? Ubani lowo ongakha kulesisesekelo na?

179 Hhayi nje wonke uTom, uDick, noHarry. "Akubona bonke abashoyo kiMi, 'Nkosi, Nkosi,' ozongena, kodwa lowo owenza intando kaBaba waMi oseZulwini."

Futhi *Lena* yintando kaBaba. *Leli* yiZwi laKhe.

180 "Abaningi bayakuza kiMi, ngalolosuku, futhi bathi, 'Nkosi, angiprofethanga, ngashumayela eGameni laKho na? Angiwakhiphanga amademoni ngeGama laKho na? Angizenzanga zonke lezizinto ngeGama laKho na?' Uthi, 'Sukani kiMi, nina benzi bokubi. Angikaze ngisho nginazi.'"

181 Umuntu uvusa amadlingozi, nesayense yezenkolo, nangokomBhalo; futhi ezama ukufundisa imiBhalo nokubeka okungokwakhe ukuhumusha kuYo, futhi esho lezozinto lapho. "Futhi benesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi aMandla akho bewaphika."

182 Wathi, "Ezinsukwini zokugcina, bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abangenakuthuliswa, abahlebi, abangazithibi, abazonda abalungileyo," behlekisa ngabo, bebabiza ngakho konke. "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu," abashumayeli, amalungu, "benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika." Yilokho-ke. Wathi, "Labo wobagwema. Ngokuba laba yibo abahamba izindlu ngezindlu, behola abesifazane abayiziwula, beholwa yizinkanuko ezahlukahlukene, zonke izinhlobo zezinkanuko." Awu, bayampongoloza kuyo yonke into encane ezayo.

183 Kodwa umKristu ozelwe ngokusha uyazi lapho bemi khona. Akukho okuzobanyakazisa. Bahamba baqonde eKalvari. Unenqwaba yabalingisi endleleni, kunjalo, kodwa, mfowethu, lokho kukhombisa kuphela ukuthi ukhona ngempela onakho. Sinamadola mbumbulu nezinkohliso, kodwa kukhombisa kuphela ukuthi kukhona idola langempela. Hlala nalo ngqo. Qhubekela phambili.

184 U-Abrahama, "Ngemva kokuba esebekezele!" Wakubekezelela, ukulwa okukhulu kokuhlupheka, nokunye nokunye. "Wazuza isithembiso, emva kokuba esebekezele."

185 Wathi, "Njengoba uJane noJambre bamelana noMose." Awu, buka ukuthi uJane noJambre babengenzani. Babengacishe benze izinto ezifanayo lezo uMose azenza. Kodwa kwakukhona into eyodwa kuphela ababengeke bayenze. Babengeke babaphulukise abagulayo. Lokho kwakuyiyonanto kuphela eyakhombisa umehluko phakathi kwabo. UMose wayengaphonsa induku yakhe phansi, yaphenduka inyoka; kanjalo nabo babengakwenza. Futhi—futhi uMose wayengabiza amazeze phezu komhlaba; kanjalo nabo babengakwazi. Futhi uMose wayengabiza amathumba phezu komhlaba; futhi kanjalo

nabo babengakwazi. Kodwa bebengenakukwazi ukuwasusa. Babengawabiza kuphela, kodwa bebengenakukwazi ukuwasusa. Kodwa, uMose wayengakwazi, ekhombisa ukuthi uNkulunkulu ungumphulukisi.

186 Futhi insindiso, bona . . . ukuzifanisa kwensindiso, bahlukanise izilwane kabili. Okungukuthi, noma ubani uyazi ukuthi isithokazi nembuzi nemvu, nakho konke lokho, kwakuyizifanekiso zensindiso. Ngokuba kwakungomnikelo wokuchithwa kwegazi lezimvu nelezimbuzi nelezinkunzi nezithokazi, nokunye nokunye; ukuthethelelwa kwezono.

187 Kodwa, lapho efika ehobheni, noma ubani lapha uyazi ukuthi amahobhe lalingumnikelo wokugula. Umuntu onochoko kwakudingeka anikele ngamahobhe enzele ukugula kwakhe. Inyoni yayingumfanekiso womnikelo wogulayo. Bese kuthi-ke uma sekuza ekuwasikeni ahlukane kabili, qhabo, mnumzane, ayehlala efana. Ayengeke alingiswe. Akukho . . . Akukho okungaphulukisa ngaphandle kukaNkulunkulu. Niyabo? Kwakunjalo naseTestamenteni eLidala. Wathi, "NgiyiNkosi Ephilisa zonke izifo zenu."

188 Ungaphuma futhi wenze njengomzenzisi, uthi, "O, ngisindisiwe. Udumo kuNkulunkulu! Yebo, mnumzane. NgiKutholile." Futhi ungahle ukhohlise. Kodwa, mfowethu, uma sekufika esikhathini sokuthi noma ngabe uyagula, futhi uphulukiswe noma qha, lokho kuzikhombisa ngokwakho ukuthi kuyini. Lokho kukhombisa ukuthi ngabe unokukholwa okuthile, noma qha. Ngabe kunjalo na?

189 "O," wena uthi, "AngiKukholwa!" Impela, awukukholwa. Akukho lutho kuwe ongakholwa ngakho, okokuqala.

Qaphelani, manje, niyabo. Khona-ke, "Ungakwenzi," wathi, "awukuhlukanisi lokhu."

190 Manje bukani ukuthi kwenzekani ngenkathi ekhombisa lokho kubuyisana. Wakhombisa ukuthi kuzoba nesikhathi lapho beyo—beyohlukana, lezizimiselo zesikhathi, lapho umthetho nomusa kwakuyokwehlukana khona, ngesinye isikhathi. Unquma isilwane sibe kabili. Wenze konke lokhu.

191 Bese-ke ekhuphukela emahobheni, enzele ukuphulukisa. Kodwa UnguYe ofanayo.

192 Futhi bukani, ngaphansi kwe—ngaphansi kweTestamente eLidala lapho, ngenkathi uJane noJambre bema lapho. UMose wayengaphonsa phansi induku yakhe, futhi ayiphendule inyoka; babengakwazi, nabo. UMose wayengabiza amazeze; bawabiza, futhi. Ukulingisa!

"Awu, sangena ngapha kuleli elinye iqembu elalingahlukanisiwe."

193 Uma sekufika ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, uMose wayengaphulukisa, noma asuse amathumba; kodwa

babengeke. Baphunywa yilo, qobo lwabo, nokho. Abakwazanga ukuwasusa. Abakwazanga ukukwenza. Bathi, "Lona ngumunwe kaNkulunkulu." Futhi babengenakukwenza. Ngakho-ke, niyabo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akwehlukaniseki. Kuhlala njalo kungukuthi NguYe kuphela ongaphulukisa.

194 Udeveli akanawo nawodwa amandla okuphilisa; akakaze akwenze, noma, akakwazi ukuphulukisa. Akakwazi ukuphilisa.

195 Bukani. Abafundi bakaJesu baphuma base bebona umuntu ekhipha amademoni. Bathi, "Sibone omunye ekhipha amademoni. Futhi ubengeke asilandele, futhi siyakwenqabela."

196 UJesu wathi, "Ningakwenzi lokho. Akekho umuntu, ongenza isimangaliso eGameni laMi, ongakhuluma kalula ngaMi. Lowo ongenathi umelene nathi. Futhi lowo ongahlangani nathi, uyahlakazeka ndawo-zonke." Ngabe kunjalo na? Wayazi, uma indoda ngempela yayithola imiphumela, ngokukhipha amademoni, kwakumele ibe nokukholwa okugxilile kuNkulunkulu noma lowodeveli wayengeke akubone lokho. Kunjalo. Wayethola imiphumela. Abaningi babo bayafika futhi bathi bakwenzile, kuyilapho bengakwenzanga. Kodwa lendoda yayithola imiphumela. Yawakhipha ngempela, ngakho-ke uJesu wathi, "Ifanele ibe nokuthile kokumesaba uNkulunkulu ngayo, noma ayikwazanga ukukwenza." Kunjalo, wathola umphumela.

197 Niyayibona, ayehlukaniseki, leyomihlatshelo lapho! Lawo mahobhe namajuba, yebo, mnumzane, yayingahlukaniseki. "Ungawanqumi uwahlukanise." Kodwa, "Nqumani *lezi* zahlukane, kodwa zibekeni enye kwenye," ngoba umthetho nomusa kuyohlangana okwesisila sejuba, okunye kokunye. Kodwa, hhayi ukuphulukisa; kuzoba ngokufanayo ngaso sonke isikhathi. Niyabo? Kunjalo. "Ziyekeni kanjalo nje."

198 Manje qaphelani. O, he! Ngaphambi kokuthi akwenze . . . U-Abrahama wabulala izilwane futhi wazibeka phandle lapho, futhi wenze ngendlela uNkulunkulu amtshela ngayo, khona-ke kuba mnyama. Wazisusa izinyoni kuzo. Kwaba mnyama, izinyoni zaya othini lokuhlala, nokunye nokunye. Okwesabekayo . . .

199 Into yokuqala, uNkulunkulu walalisa u-Abrahama. "Manje, Abrahama, awuhlanganise lutho nakho. Kuphakathi kokuthi wena, noma inzalo yakho emva kwakho, awuzukuba nanto eyodwa ukuyenza ngensindiso yakho uqobo." Cabanga ngalokho.

200 UNkulunkulu watshela—watshela u-Adamu, "Uma uzothinta lesisihlahla, uzo . . . Udla *Lapha*, uzophila. Udla ku*leso*, uzokufa." Leso yisivumelwano. Manje, nguwe lowo, unento phambi kwakho, "Uma wenza *lokhu*, uma wenza *lokho*, uzo—uzokufa. Uma uhlala lapho, yidla Lona, uzophila." Ngakho-ke, khona-ke, u-Adamu wadla ku*lona*, futhi wafa.

201 Umusa uyafika, khona-ke uNkulunkulu wenza isivumelwano ngomusa. Futhi, ngenkathi Ekwenza, abantwana bakwa-Israyeli ezansi eGibhithe. UNkulunkulu wayesevele eshilo, ngeZwi laKhe, Ayezokwenza. Wayezobakhipha. Futhi uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe. Kodwa khona-ke ngenkathi uNkulunkulu, ebophezelekile eZwini laKhe, wehlela lapho futhi wathumela umsindisi, uMose, umusa wahlinzeka ngalokho. Nakhu kufika uMose, ehola abantwana bakwa-Israyeli ebakhipha, ngenkathi bephuma naye.

202 Waphumela ehlane, wathi, "O, sinikeze okuthile esingakwenza. Sifuna ukuzibumbela inhlangano, futhi sifuna ukuthi wena usinikeze okuthile esingakwenza. Asenze into enjena. Sinikeze umthetho okufanele siwugcine." U-Eksodusi 19 wayeyiphutha elikhulu kunawo wonke u-Israyeli ake alenza. Ngenkathi umusa wawusuvele uhlinzeke ngensindiso yabo, khona-ke babefuna okuthile ababezokwenza, ukukufanela. UNkulunkulu wayesevele efungile ku-Abrahama, lokho Ayezohamba ngakho. Bathi, "Asibe nomthetho." Futhi umthetho awuzange wenze; akekho (akukaze) owawugcina. Abazange.

203 UJesu ufikela ukuzogcwalisa umthetho, futhi umusa wahlinzeka uMsindisi futhi. Kunjalo. Ngokuba, uNkulunkulu wayefungile, haleluya, ukuthi Wayezosindisa u-Abrahama neNzalo yakhe.

204 Futhi Wayengakwenza kanjani, ngabahlubuki, onhliziyo-zilukhuni, ontamo-zilukhuni, ya, abantu ababengeke balalele, noma lutho? Babenayo yonke isayense yabo yezenkolo nakho konke okunye, Washo. Uzokwenza kanjani na? *Lona* uzothatha lokhu; futhi *lona* uzothatha *lokho*. Futhi uNkulunkulu ebuka phansi futhi ebona amabandla kulolusuku, ukuthi ayeyisibumbatha kanjani onke ndawonye, futhi lonke loluhlobo lwengxovangxova nezinto. Wadingeka enze indlela, ngokuba Wafunga ukuthi Wayezokwenza. Hhayi amaJuda kuphela! Wathi, "Kuwe zonke izizwe zomhlaba azibusiswe," umJuda, oweZizwe, ngokufanayo. "Ngizobiza iziNzalo." Haleluya! O, he! "Ngizokwenza." Futhi kulolusuku . . .

Iyini iNzalo ka-Abrahama na?

205 "U-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu." Lelingqamuzana leGazi elincane, ingxenye yaLo, lali, ethunzini, ngukubuyisana ku-Abrahama. "Wamkholwa uNkulunkulu; kwabalelwa kuYe kwaba ngukulunga." UNkulunkulu wabiza u-Abrahama ngomusa ozibusayo, hhayi ngoba wayengu-Abrahama. Wayengumuntu nje.

206 Manje bukani. Futhi bonke abantwana bakaNkulunkulu babizwa ngendlela efanayo. Angeke wazisindisa. Akukho ongakwenza. Uma uyisoni, angeke uze kuNkulunkulu ngaphandle uma uNkulunkulu ekubiza. UJesu wathi, "Akakho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engambizi. Futhi nxa uBaba

embiza, bonke ozayo, NgiyoMnika ukuPhila okuphakade futhi ngiyomvusa ngosuku lokugcina."

207 UNkulunkulu, ngokukhetha okuzibusayo, ubize iNzalo ka-Abrahama. Manje-ke, uma lolohlobo lokuPhila olwalungaphakathi kwalelongqamuzana leGazi lwaluphezu kuka-Abrahama, owabiza okungenakwenzeka, "ngokungenzeka," owabiza okungenakwenzeka, ukuthi, "Bayoba njalo, ngoba uNkulunkulu washo njalo."

208 Hlobo luni lwabantu abayiNzalo ka-Abrahama na?

209 O, ninga, ningakugeji lokhu. Ngiyacela ningakugeji. Ngiyakuzwa kuqhamuka phezulu kwekhanda lami. Bhekani. Bukani.

210 Manje-ke, uma uyiNzalo ka-Abrahama, angeke uphikisane noNkulunkulu. INzalo ka-Abrahama iyingxenye yaloMoya. Ngokuba, uNkulunkulu wanika u-Abrahama isibonakaliso sokusoka, enquma inyama, ukuba kube ngubufakazi ukuthi Umemukele. Ngalolu izinsuku zokugcina, uthathe uMoya oNgcwele futhi wasoka lonke ikholwa, ngokunquma konke ukungabaza nokungakholwa, ukukholwa iZwi likaNkulunkulu limsulwa futhi lingcwele, futhi LiyiQiniso. Ukusoka; ukunqamula konke ukungakholwa, yonke into, ukusika kusuke yonke intambo yasogwini. Ethi, "Nkulunkulu, ngiyaKukholwa; phila noma ufe, cwila noma uminze. YiZwi laKho. NgiyaLikholwa." Manje-ke, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

211 Futhi uNkulunkulu wathi, "Ngizozifunga Mina uqobo, ngoba akekho eNgingafunga ngaye." Uyinto enkulu kunazo zonke eyayikhona. Wathi, "Ngizozifunga Mina uqobo, ukuthi ngizomsindisa u-Abrahama neNzalo yakhe." Kunjalo.

212 Manje ubani iNzalo ka-Abrahama na? Labo abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, bayiNzalo ka-Abrahama. Bukani. Bukani. Ngo-Abrahama kufika u-Isaka; ngo-Isaka kufika uKristu. Singena kanjani-ke kuKristu na? Singaba kuKristu kuphela . . . IBhayibheli lathi, "Nina enikuKristu nifile, futhi nithatha iNzalo ka-Abrahama, futhi niyizindlalifa ngokwesithembiso." Ngabe kunjalo na? Whewu! "Labo abafile kuKristu, bayiNzalo ka-Abrahama, nezindlalifa ngokwesithembiso."

213 Ngakho-ke, ngalelo ngqamuzana leGazi! Ngengqamuzana lakho legazi lemvelo, lephulwa, futhi umbozwe ngengqamuzana leGazi leNzalo ka-Abrahama, enguKristu. Kulelo ngqamuzana leGazi, lingaqukatha kuphela . . . Hhayi ububi, nokungcola, nobubi. Ngaphakathi kwalelo ngqamuzana leGazi, ungathola kuphela ukuPhila kukaNkulunkulu, okunguMoya oNgcwele.

214 Futhi ungeke usabhujiswa njengoba uNkulunkulu uqobo lwaKhe engabhujiswa, ngokuba Liyingxenye kaNkulunkulu. "Ngiyobavusa ngosuku lokugcina." "Labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile." Futhi eBukhoneni nasemqondweni

kaNkulunkulu uSomandla, wonke umuntu ozelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele uyakhazinyuliswa eBukhoneni baKhe manje, ulindele isikhathi sokuhlengwa. Whewu! He, he! Niyakubona na? UNkulunkulu, ngomusa, ukubizele eNzalweni ka-Abrahama. Futhi wonke oweNzalo ka-Abrahama, uNkulunkulu uSomandla wazifunga Yena ukuthi Uyomvusa. UNkulunkulu washo ukuthi Uyokunakekela.

215 Kanjani nina Nzalo ka-Abrahama na? Ngokufa, impilo yakho ifihliwe, "NgaMoya munye thina sonke. . ." hhayi "ukulotshwa phakathi," hhayi "ukufafazwa phakathi." "Kodwa ngamanzi awodwa"? Qhabo. "Kodwa ngaMoya munye sonke sabhaphathizwa kuleliNgqamuzana leGazi, elinguKristu Jesu." Ekuqaleni, kwakuyiNgqamuzana leGazi elilodwa kuphela, futhi sabhaphathizwa phakathi lapho, kanye naYe, futhi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, izindlalifa kanye naYe eMbusweni, sikholwa yikho konke uBaba akushoyo ukuthi kuliQiniso. Haleluya! Mfowethu!

> Ukukholwa kuYise, ukukholwa eNdodaneni,
> Ukukholwa kuMoya oNgcwele, abathathu koYedwa;
> Amademoni ayothuthumela, nezoni ziphaphame;
> Ukukholwa kuJehova kuyonyakazisa noma yini.

216 Kunjalo. Iqiniso. Nanto ingqamuzana leGazi. Laqala kuphi na? Ingqamuzana elilodwa leGazi. Ngabe kunjalo na? Yini eyayingaphakathi kwalelongqamuzana leGazi na? UkuPhila kukaNkulunkulu. Kwenzekani kulelongqamuzana leGazi na? Lagwazwa, ngesono. Umkhonto wamaRoma, waLona, waLigwaza. Ngani na? Ngoba isono sabekwa phezu kwaLo. "Futhi kwamthokozisa uNkulunkulu." Ukulungisiswa kwathengwa khona lapho. UNkulunkulu wathi, "Lokho kuyakuxazulula, kuze kube phakade." Nakho-ke. Futhi lelongqamuzana leGazi lahlatshwa.

217 Futhi iGazi landiza laphuma, lafafazwa livela nxazonke, ingqamuzana leGazi, "swushi," ngenkathi Lephulwa lapho eKalvari. Ukwenzela ini na? Ukuvula lelongqamuzana lapho kungekho muntu owake wangena ngaphambilini, ukungenisa wena nami kulelongqamuzana leGazi; ukudlulisa eGazini, "ukuhlanza ngamanzi eZwi," ngeGazi likaKristu. "Ngaphandle kokuchithwa kweGazi, akukho ukuthethelelwa kwezono." Ukuthatha isoni esilahlekile, ngomusa, usidonsa sedlule kulelingqamuzana leGazi, phakathi lapha, futhi sinikwe uMoya oNgcwele. Donsela *lokhu* ngapha; sinikwe uMoya oNgcwele. "Futhi siyizindlalifa kanye noKristu, eMbusweni kaNkulunkulu." Whewu! UNkulunkulu kuwe evuka, noma uzibulale qobo lwakho ukuze uNkulunkulu engavuka, kuwe, uze

uMbone. Ekudonse wadabula engqamuzaneni leGazi; ekudonse wedlula esifuthweni.

218 Kwenzekani engqamuzaneni leGazi na? Ngabe Lavele lashabalala futhi laphela na? Qhabo, mnumzane. Lafafaza. Lakhululeka. Lakhululeka, ukuze amadodana amaningi ezozalwa. Qhabo, amadodana ayengazalwa ngalelingqamuzana leGazi elilodwa, le Ndoda eyodwa.

219 Lo Moya owodwa ungena ngaphakathi kwalelingqamuzana leGazi, futhi Ladala ngokuzungeza nokuMzungeza, kanjalo. Akekho, owayeke wangena, babengeke, ngaphambilini. Kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe wehla futhi wenziwa iNgane, emkhombeni; wenyuka, futhi wenziwa uMuntu. Konke lokhu, yonke into, kwakusongelwe kulelongqamuzana elilodwa leGazi. Futhi Lahlatshwa kanjalo, futhi labhobokela eKalvari; isono sakuhlakaza. UNkulunkulu waMvusela ukulungisiswa. Manje ngakulowoMoya . . .

220 Lo Moya ofanayo uhlala lapha emhlabeni, namuhla. Futhi Ufafaziwe ngukuWuzungeza, *kanjena*. Aku—akunzima, ungakwenza . . . lapho ungeke ungene khona. Kuqaqekile, ukuze ukwazi ukungena. Kuqaqekile, ukuze akwazi ukungena. Ngani na? Ukuthi, ngokudonsa isoni, ngalelingqamuzana leGazi, kuYe uqobo . . . "Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi."

221 Futhi uma Edonsa lesosoni kulelongqamuzana leGazi, Uyasihlanza kukho konke ukungalungi, haleluya, futhi uyasingenisa ngoMoya oNgcwele, kuYe uqobo. Futhi isoni yisidalwa esisha kuKristu Jesu, esibhaphathizwe phakathi lapho ngoMoya oNgcwele. Usidonsela phakathi Lapha; nengxenye yendoda, phakathi Lapho, ingukumesaba uNkulunkulu. Uyindodana kaNkulunkulu. Uyindodakazi kaNkulunkulu. Noma yiziphi izifiso zezwe zifile, ngoba zise . . . Phakathi kwakhe nezwe yiGazi likaJesu Kristu.

222 Khona-ke yena "uthemba izinto zonke; ukholwa yizinto zonke." Haleluya! Lokho uNkulunkulu akushoyo, yena uthi, "Lelo yiQiniso. Phila noma ufe, kwenza mehluko muni na? KuliQiniso. Ngiyaqhubeka." Whewu! Uxolo. Ngi—ngithi nje ukuba ngongahlelekile kancanyana ebandleni lami uqobo. Amen. O, he!

> Amathemba ami alakhelwe ndawo
> KunaseGazini likaJesu nokulunga;
> Lapho macala onke umphefumulo wami uphela,
> Khona-ke Uyithemba lami nokuhlala.
>
> Ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo nje.

223 Noma ngabe imali, noma ngabe ukuthandwa ngabantu, noma ngabe umshumayeli omkhulu, noma ngabe yi*lokhu*, noma noma ngabe udokotela, noma ngabe yimoto, noma noma ngabe yi *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*! Yonke eminye imihlabathi yizihlabathi ezibishayo! He, he!

224 Kukaningi kangakanani ngikuqaphela, njengoba ngibona unwele luba mpunga, engikushiye ngasekhanda lami; inyama yami ishwabana. Ithemba lami kuphela liLapho.

225 Nkosi Jesu, ngibambe ngesandla ungiholele phambili. Mangiqhubeke, Nkosi Nkulunkulu, ngingenaki noma yini yezwe, kodwa, "Ngibheke kuKristu, umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwami; Owathi ngenxa yaKhe uQobo, ngenkazimulo kaNkulunkulu, wadela ukuphila kwaKhe, ukuze azinikele Yena abe ngumhlatshelo," ukuze Angahle angingenise enhlanganyelweni naYe, kuBaba.

226 Mm! Nakho la kukhona. Izoni bezingakubheka kanjani Lokho futhi zisuke zihambe na? Kungaphezu kwanoma yini engingayicabanga.

227 Kulungile, masinyane manje. Sizofanele sisheshe, ngaphambi kokuba sivale.

> *Ithemba esinalo*. . .(Ivesi le 19.). . .*njengehange lomphefumulo,*. . .

228 Nakhu kuhamba futhi, "Ihange lomphefumulo, esinalo ithemba njengehange." Lapho noma yini ibambelelise okwehange, angeke yanyakaza.

> Nginehange elingigcina ngingcwele,
> Eligxilile neliqinisekile ngenkathi ulwandle lugubha;
> Ngigxilise okwehange eDwaleni elingenza ngibengcwele,
> Ngiboshelwe ngokuphepha futhi ngiqinisekile othandweni loMsindisi!

229 Lelihange! Ngenkathi ngangiphandle ngaleya kokufutha, ngeliny'ilanga; ngeliny'ilanga, uNkulunkulu wathatha lesi esimpofu, isoni esilahlekile, futhi wasidonsa wasedlulisa kulokho kufutha, yebo, mnumzane, futhi wangiletha ngapha futhi wangigxilisa okwehange lapho; wabeka izingalo zaKhe ngakimi. Futhi yonke enye into, akunandaba ukuthi kuyini, "Umoya wami ubheka phezulu kuWe!" Niyabo? "Yiba nehange, ugxile futhi uqiniseke." Bukani lapha:

> *Ithemba esinalo njengehange lomphefumulo, liqinile ligxilile,*. . .

230 Hhayi ukusonteka ngazo zonke izimfundiso nayo yonke imimoya, ezanyazanyiswayo isuka kolunye uhlangothi iye kolunye; ukuthatha izinhlangothi *ngapha*, nokuthatha izinhlangothi *ngapha*, futhi ungazi ukuthi umi kuphi.

IBhayibheli lathi, "Bengingathanda ukuthi niqiniswe." Kungesikho ukuthi, "Awu, ngi—ngiyi *lokhu* namuhla, nokunye okunye kusasa."

231 Gxilisa umphefumulo wakho okwehange kuKristu Jesu. Zalwa ngokusha, ukuPhila kukaNkulunkulu kuhlala kuwe, futhi uyazi, ngaphandle kwethunzi lokungabaza, ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Onke amathemba akho akhelwe ngaleya eKalvari. Uthando lukaNkulunkulu lungena enhliziyweni yakho. Futhi uyalikholwa lonke iZwi uNkulunkulu alisho ukuthi liyiqiniso. Uzimisele ukufela noma yisiphi isigaba saLo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? "Gxlila futhi uqiniseke!" Manje bukani. Mangikufunde futhi.

> *Ithemba esinalo njengehange lomphefumulo, eliqinile eligxilile, futhi eli*khuthazelayo kuze kube . . . ngalokho (enikubiza ngakho) *kokungaphakathi kwesihenqo;*

232 Lokho, ini, ngaphakathi kwaliphi iveli na? Yiliphi iveli engikhuluma ngalo na? Iveli leGazi. IGazi!

> Siledlulile iveli eliklejuliwe lapho izinkazimulo zingehluleki khona,

Niyalazi leloculo esilicula lapha na?

> Haleluya, Haleluya;
> Ngiledlulile iveli eliklejuliwe, iGazi, lapho elaklejulwa khona ohlangothini lwaKhe.
>
> Ngiledlulile iveli eliklejuliwe Lapho izinkazimulo zingehluleki khona,
> Haleluya, Haleluya;
> Ngihlezi eBukhoneni beNkosi.
>
> Ngidlule iveli eliklejuliwe, Lapho izinkazimulo zingahluleki khona.

233 Uma izinkathazo zami ziza *ngale*ndlela, noma *ngaleyo*ndlela, izinkazimulo namanje azihluleki.

> Ngedlulile iveli eliklejuliwe Lapho izinkazimulo zingahluleki khona,
> Haleluya, Haleluya;
> Ngokuba ngihlezi eBukhoneni beNkosi.

234 Ingilethe enhlanganyelweni yaYo, ngohlangothi oluklejuliwe lweNdodana yaKhe, uKristu Jesu, wangenza ingxenye yaKhe; ukukholwa yizinto zonke, ukuMkholwa, ukuMethemba, ukuma lapho; izinkazimulo azilokothi zehluleke. "Konke kusebenzelana kube ngokuhle kwabaMthandayo," ngakho-ke izinkazimulo azihluleki neze.

> Ngedlule iveli eliklejuliwe Lapho izinkazimulo zingehluleki khona,
> Haleluya, Haleluya;
> Ngihlezi eBukhoneni beNkosi.

235 Amathemba ami lakhelwe Lapho, kwiyilukho olunye. Ngiza ngeGazi elangisindisa. Ngiza ngeGazi elangiphulukisa. Noma yini engiyidingayo, ngiselapha; Ngibiza lezozingxenye ezingehlukaniseki lapho eKalvari, futhi zingezami. Zingezami, ngesihle. Uma uBaba engeke anginikeze zona, Uzongazisa ukuthi kungani. Ukholo lwami lusalokhu lubheke ngqo kuYe, kuthi, "Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Uyakwazi okungilungele, ngakho-ke ngizinikela kuWe. Futhi ngilapha." Amen. O, nakho lakho kukhona. Ukuzethemba kwami kukuYe, kuYe, uNkulunkulu waseZulwini.

236 Manje bhekisisani. "Njengoba umanduleli e. . . " O, o, he! Bukani nje lapha, bukani lapha! Angikaze ngisho ngikuqaphele lokhu. Bukani kulelivesi lokugcina lapha, ivesi la 20. Whewu! Into emangalisa kanje!

> *Lapho eyisigijimi sokusandulela wangena khona . . .* umanduleli, *uJesu, esewaba ngumpristi omkhulu kuze kube phakade ngokokuma kukaMelkisedeki.*

237 "Umanduleli," uMuntu owahamba phambi kwethu, futhi njengaLowo ozayo futhi athathe indawo yethu, akekho omunye ngaphandle kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe. Uyehla futhi waZenza uMuntu, umanduleli, ukufakazisa kubantu.

238 Ngani? Wafunga, ngesifungo, Wayezokwenza. Wafunga ukuthi Wayezosisindisa. Wafunga, ukuthi singakwenza. Wafunga lezizinto kithi, ngaYe uqobo.

239 Khona-ke Uyehla, wenziwa umanduleli. WaZenza umanduleli. Wangena lapha ezweni, futhi wahlala ezweni, isono siMzungezile; futhi ngaphezu kwesono, ngoba Wethemba uNkulunkulu. Ngabe kunjalo na?

240 Khona-ke wehla, naye, futhi wafa njengesoni, ebethelwe esiphambanweni. Yonke into yenyama yakhombisa ukuthi Wayefile. BaMshaya. BaMlengisa lapho. Awu, Wopha ngokwenele, ukuba kuMbulale. Futhi khona-ke bayafika . . . Wayefile. Amazulu amemezela ukuthi Wayefile. Umhlaba washo ukuthi Waseyefile. Yonke into yasho ukuthi Wayesefile.

241 Isosha elingumRoma lahlohla umkhonto wadabula enhliziyweni yaKhe, futhi lapho kwaphuma iGazi laKhe, "Igazi namanzi," okwakwehlukene, kukhombisa usizi. Futhi lokho kwasho ukuthi Wayefile. Amanzi . . . Bukani, uma iNdoda yayilenga lapho, neGazi namanzi aphophoza, kwakhombisa ukuthi iGazi namanzi kwase kwehlukene. Haleluya! Wayesefile. Futhi Akazange Afe ngenkemba. Akazange afe ngokugwazwa. Wafa ngenxa yosizi.

242 Akukho lutho ezweni okuyohlukanisa igazi emanzini. Buza noma iyiphi isayensi ofuna ukuyibuza, noma yimuphi udokotela. Uzokutshela. Kuphela ngosizi olunzima, ngezinye izikhathi, ukuthi abantu bahlupheka kakhulu kangangokuthi banga . . . Niyazi, osizini, njengobuhlungu benhliziyo nezinto ezinjalo.

Ngezinye izikhathi kubanga ukuhlaselwa yinhliziyo, futhi kuyababulala, lapho igazi namanzi kuhlukana.

243 Futhi yilokho okwabulala iNkosi uJesu. Yafa ngaphansi kwesandla sikaJehova; kunjalo, inhlawulo egcwele, ubulungiswa, ngokuba uNkulunkulu wayefuna ubulungiswa. Kunjalo.

244 Futhi lapho akukho-muntu owayengathatha ukuphila kwaKhe. Wathi, "Ngizokubeka phansi. Akekho umuntu ongakuthatha. Ngizokubeka phansi, futhi Ngizokuvusa futhi."

245 Futhi, uNkulunkulu, ekhombisa ukuthi ngokunzima kakhulu, ukufa okunonya kunakho konke ukuthi ofayo angake afe, UNkulunkulu ugijimisa umanduleli, uJesu Kristu. Futhi Uyehla lapha njengoMuntu. Waphila. Uyadla. Waphuza. Wakhala. Walala. Wajabula kanye nathi, njengomuntu. Futhi Walala phandle lapho esiphambanweni futhi wafa, futhi wagqunyiswa. Ngenkemba, wadonswa iGazi emzimbeni waKhe. Futhi wasongwa ngendwangu, futhi wafakwa ethuneni. Futhi wayesethuneni izinsuku ezintathu nobusuku. Futhi umphefumulo waKhe waya esihogweni, iBhayibheli lasho njalo. Yebo, mnumzane.

246 Kodwa Wabuye wavuka-ke. "UNkulunkulu wayengeke, wayengeke avumele ONgcwele waKhe abone ukubola, kanjalo umphefumulo waKhe uhlale esihogweni." Futhi WaMvusa, ngosuku lwesithathu, okokulungisiswa kwethu. WaMenyusela phezulu kweliPhezulu, ngenxa yokulungisiswa kwethu.

> Ephila, Uyangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> Evuka, Walungisisa.

247 Konke; njengomanduleli! Futhi njengoba uNkulunkulu aMvusa, Ubophezekile kuwo wonke umuntu onengxenye yalokho kuPhila kubo, uyobavusa ngosuku lokugcina.

248 Umanduleli! WaMenyusela eZulwini kanye naYe uqobo, waMbeka ngakwesokunene saKhe. Amandla nobukhosi, kude ngaphezulu kwazo zonke izinyanga, izinkanyezi, iziNgelosi, iziNgelosi ezinkulu.

249 INto ephakeme kunazo zonke eyake yaba khona, yaba yinto ephansi kunazo zonke eyake yaba khona; ukuze Athathe lokho, phakathi, futhi akulethe kuYe uqobo, "ebuyisana nezwe kuYe uqobo." Lapho uNkulunkulu . . . Ungacabanga ngakho na? ENgcwele nephakeme, iNto ephakeme kunazo zonke, yadala umuntu waba mncane kunaYe.

250 Umuntu wawela phansi waze wathi ngqu *lapha*. Igazi lezimvu nezimbuzi lambamba kwaze kwaba lapha, njengoba kungashiwo, kwaze kwafika ekugcwaleni kwesikhathi. Khona-ke uNkulunkulu wehla, qobo lwaKhe; hhayi iNgelosi, hhayi iKherubi. Kodwa, uNkulunkulu wavela eZulwini,

futhi wahamba yonke indlela eya esihogweni; ukukhuphula umuntu esuka esihogweni, eya eZulwini kanye naYe. Uyafika, ezingela izimvu ezilahlekile. Wamthola, futhi wambeka ehlombe laKhe; futhi ekhuphuka isitebhisi, namhlanje, naye, eya ngaseNkazimulweni. "Nxa Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngiyakudonsela bonke abantu kiMi."

251 Wayengubani na? Sizokuthola lokho ngeSonto elizayo, iNkosi ithanda. "Umpristi owenziwe ngokohlelo lukaMelkisedeki." Wayengubani loJesu na? UMelkisedeki. "Owayengenakuqala kwezinsuku noma ukuphela kweminyaka. Wayengenayise, engenanina."

Wena wathi, "UMariya wayengumama waKhe." O, mfowethu!

252 "WayeyiWundlu elahlatshwa kusukela ekusekelweni komhlaba." Ngaphambi kokuba uMariya ake abe khona; Wayekhona. Amen.

> O, ngifuna ukuMbona, ngifuna ukumbuka ubuso baKhe,
> Lapho ngicula njalonjalo ngomusa waKhe osindisayo;
> Ezitaladini zeNkazimulo mangiphakamise iphimbo lami;
> Zonke izinkathazo sezedlule, ekhaya ekugcineni, ngithokoze njalonjalo.

253 "Ngakho-ke yini ekukhathazayo, Mfowethu Branham na? Kungani ushumayele kanzima kangaka na? Uma uya kulento . . ."

254 O, angikwazi ukuqhubeka, nganelisekile. Akumele ngihambe ngedwa. Lezizandla zizofa kanye kuphela. Lezizindebe ziyofa kanye kuphela. Futhi wena, mfowethu nodadewethu, uyoba ofayo kanye kuphela.

255 Futhi ngenkathi kusekhona uMoya ngaphakathi kimi, ngenyama ekhathele namahora akhandlekile, akhala kuwe, kungokwento eyodwa kuphela, okungukuthi, ukukuletha kulenhlanganyelo lapha. Hhayi ukukuletha ebandleni, kodwa ukukuletha kuKristu, ukuthi, "Lapho unethemba, eligxilile neliqinisekile."

256 Ibambelelise okwehange ngesifungo sikaNkulunkulu. Ukuqinisekisile, futhi wagijimisa umanduleli ngaleya, ekhombisa ukuthi WayeNgubani. Futhi waMvusa, ngosuku lokugcina, ngalolosuku lapho, ukuvuka. Kwafakazela ukuthi thina esikuYe siyophuma ekuvukeni. Futhi wonke umuntu oza ngaleliveli—veli manje, elungisisiwe emehlweni kaNkulunkulu, uNkulunkulu ubuka phansi futhi athi, "SeNgivele ngimkhazimulisile, futhi ngamhlalisa ngaleya eZulwini." Niyakubona na?

257 Angeke ngihambe ngokungafanele. Kukhona iNto ethize kimi engeke ingivumele ngikwenze. Uzofanele a . . . O, impela, bengingabuyela etabernakele elincane lapha, futhi ngikusabalalise ngaphandle lapha, futhi uMfowethu Neville nami sibuthana ndawonye lapha. Futhi mhlawumbe bengingakwazi ukuvikela abantwana ekulambeni. Impela. Kunjalo. Ngingakwenza lokho. Mhlawumpe nginabangane abenele ezweni, khona namhlanje, uma bengifuna, ukusho, ngiphume futhi ngenze ukushayela okuhle ezweni lonke, bebezonginika ikhulu lezinkulungwane zamadola. Lokho bekuyongigcina zonke izinsuku zami, uma bengiphile iminyaka eyikhulu ubudala. Mhlawumbe bekuyongigcina, yikhulu lezinkulungwane zamadola, lokho okuncane, o, ukuphica ngalapha nalapho, futhi mhlawumbe senze ukucupha okuncane, ukuzingela, enye into efana naleyo, ukukha amajikijolo esikhathini sasehlobo. Izinto ezimbalwa zaleyondlela, bengingakwazi ukudlula. bekungeke kudingeke ngikwenze. Yiqiniso lelo. Kodwa, o, he! O, lokho akunginyakazisi nakancane, ndawo!

258 Kukhona iNto ethize ezansi *lapha*, buka lowomhedeni ompofu ngaleya onezandla eziwugongolwana, enochoko, leyondoda eyimpumputhe empofu emgwaqeni, leyonganyana encane elambile, nesandla sayo iselulela ngaphandle. Bazokwenza ngaphandle kwedina, bazokwenza ngaphandle kwanoma yini enye, uma nje uzobatshela ukuthi Ukhona obathandayo. YiNkosi uJesu Kristu. Bafa njengezinja. Bangcwatshwe emiseleni, njengezilwane, futhi bengazi lutho ngoNkulunkulu. Futhi izinkulungwane ezingamashumi amane ngosuku ziyafa. Abayizinkulungwane ezingamashumi amane ngosuku bayafa, bengenaNkulunkulu, bengenaKristu, bengenathemba.

259 O, ngingakwenza kanjani, Nkulunkulu na? Ngifisa sengathi bengingavele ngihlale, ngibe mncane, futhi ngihlale ngaleyondlela ngaso sonke isikhathi, aze Alungele ukungithatha. Bengingavele ngishumayele futhi ngishumayele futhi ngishumayele, futhi ngikhale futhi nginxuse, futhi ngizame. Niyabo, abantu baseMelika . . . Ungabatshela noma yini, bayaKukholwa.

260 Abantu baseMelika, uyangena futhi ufanele ubakhombise iQiniso, lapho Lilele khona, "Khona *Lapha*!" Futhi bayaphuma lapha futhi bajoyine ibandla, bathi, "Awu, ngimuhle njengawe nje. anginandaba." O, he!

261 Lapho ngibona lokho, ngifuna ukuthi, "Kulungile, mfowethu. Lokho kulungile." Kodwa angikwazi ukukwenza.

262 Ngiyazi, ngaphandle uma eLapha, ulahlekile. Ulahlekile. Akakwazi ukusindiswa; akukho lutho phandle lapho ukumsindisa. Nansi insindiso, *lapha*, ngesifutho, ngeGazi,

ngeveli eliklejuliwe. Wasingenisa lapha futhi wasenza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Yileyondlela kuphela, futhi into kuphela engiyaziyo. Nkulunkulu, yiba nomusa!

263 Ngolunye usuku kuzophela. Ngizoshumayela isikhathi sami sokugcina; futhi ngivale leloBhayibheli elidala okokugcina, kunjalo, noma omunye wabo. Kunjalo. Ngizocula iculo lami lokugcina. Ngizoshumayela intshumayelo yami yokugcina. Ngizokhulekela umuntu wokugcina ogulayo. Ngizokwenza yonke into ngesikhathi esisodwa, ngizokuqeda, futhi angeke ngiphinde ngibe ngofayo. Amasondo okuphila okufayo ayaphenduka lapha emzimbeni wami; ukwenza izandla zami zifinyelele, namehlo ami abuke, nezindebe zami zikhulume, kanjalonjalo. Lonke isondo phakathi lapho, liphenduka, liyoma linganyakazi. Yilokho kuphela.

264 Kodwa, mfowethu, lokho yiNto encane phakathi lapha, iya kwenye indawo-ke, izokhuphuka phezudlwana khona-ke. Ngizoba nomzimba ongilindile phezulu Lapho, ongenziwanga ngezandla, kodwa wenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu.

> Futhi ngizoma kanjalo eMfuleni,
> Qondisa izinyawo zami, bamba isandla sami,
> Nkosi eyigugu, bamba isandla sami, futhi ungihole njalo. (Kunjalo.)
>
> Nxa indlela ikhula idinana, Nkosi eyigugu, hlala eduze.

265 YiLowo engifuna ame ngakimi. Angikhathali uma engekho udokotela, akekho omunye. "Nkosi, yima ngakimi; futhi impilo isicishe ihambe, umoya wami uyadlula ngokushesha, ukushaya komthambo wami kukhuphukela emkhonweni wami, umkami nabantwana bemi bezungeza umbhede, besonta izandla zabo, nabangane bami, bebuka, bethi, 'O, Mfowethu Branham!'"

> EMfuleni ngizoma,
> Qondisa izinyawo zami, bamba isandla sami,
> Nkosi eyigugu, bamba isandla sami, ungihole njalo.

266 Futhi amathemba ami lakhelwe khona phakathi lapho, ukuthi, Yena Owethembisa futhi wafunga, ngo-Abrahama; uma bengingakwamukela lokhu, bengiyozalwa ngokusha. Izinto zemvelo zezwe beziyonyamalala. Yonke isayense yezenkolo yomuntu iyoshabalala. Futhi ngiyokholwa nguNkulunkulu, ngikholwe nguNkulunkulu yedwa, futhi kuYe ngiyoma. Uma ngifika ekupheleni kwalowo mgwaqo, Ngifuna ukuma khona lapho kulawoMandla angaphezu kwemvelo angishintsha ngisuka ekubeni yisoni ngibe ngumKristu. NgiyoMthemba ngalolosuku, ngakho konke kukho konke okwami.

267 Uma ungakakwenzi, mfowethu, dadewethu, kwenze namuhla, uzokwenza, sisakhuleka na?

268 Baba waseZulwini, siyaKubonga, ngokusuka ekujuleni komphefumulo wethu, ngeZwi laKho. O, induduzo enje esinayo, yokwazi ukuthi amathemba ethu alakhelwe ndawo kuneGazi likaJesu elinokulunga. Lapho nxazonke, yonke enye indawo, lonke ithemba lasemhlabeni lehlulekile futhi lingasekho, khona-ke sinoJesu. Amagobolondo ayawa, izinto zasemhlabeni ziyahlakazeka, njengobusuku ngaphambi kwelanga, kodwa iNkosi uJesu ihlala injalo ezimpilweni zethu.

269 Uma ekhona oyedwa lapha kulokhu ukusa, Baba, Othandekayo, ongazi ngempela, ngale kwethunzi lokungabaza, ukuthi badlulile ekufeni bangena ekuPhileni! Akukho misebenzi emihle, akukho bandla, akukho lutho olunye, olungasindisa, Wena nje futhi Wena wedwa. Ukuthi lendoda. . .Baba ngiyakhuleka. Futhi emazwini ami aphukile, kulokhu ukusa, angikwazanga ukuLethula ngendlela Onginike Lona ngayo. Kodwa, ngendlela yami ephukile, ngikhulekela ukuthi abesilisa nabesifazane kulendlu kulokhu ukusa baLemukele. Baze, bona, bazi ukuthi bafanele bahlungwe kulokhu kufafazwa kweGazi futhi balethwe enhlanganyelweni kaNkulunkulu, izindlalifa kanye noJesu, eMbusweni kaNkulunkulu, ngaMoya munye. Hhayi indoda ethile isiphusha sedlule. Kodwa uMoya ngaphakathi kwengqamuzana leGazi wasidonsa, wasisondeza kuYe uqobo. Futhi siza ngeGazi, futhi manje singena kuKristu, enhlanganyelweni.

270 Uma bengekho Lapho, Baba, nakuba beneminyaka beyilunga lebandla, ngokuthi bazamile kanzima; Baba, bathathe ubadlulise, ngalo kanye lelihora, ukubangenisa kuWe ngqo, enhlanganyelweni yaKho. Ukuthi, lapho ukuphila kuyakuqedwa lapha emhlabeni, ukuPhila okuPhakade kuhlala phakathi kwethu, iNkosi uJesu Kristu. Futhi sengathi singavuswa, njengoba Avuswa, ngosuku lokugcina.

271 Kuyoba ngukuphoxeka okunjani, ukubona amalunga ebandla nabantu bemi lapho, oye wathi, empilweni yabo yonke, usanda kuzulazula, futhi akakaze azi ukuthi kwakuyini ngempela ukuzalwa ngokusha. Lapho, Wena wathi, "Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni." Wayengeke nje, Baba, ngokuba yiyona ndawo kuphela ukuthi kunokuPhila okuPhakade.

272 Abaphostoli bathi, "Siyakuyaphi na?" ngenkathi Ubabuza ukuthi babefuna ukufulathela. Bathi, "Wena wedwa unokuPhila okuphakade."

273 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi wonke owesilisa, owesifazane, umfana, noma intombazane, kulesisakhiwo kulokhu ukusa, angangeniswa kuleyonhlanganyelo. Ngokuba nginikela zonke lezizinto kuWe, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Amen.

274 Kunjalo, Dadewethu Gertie.

Kuyokwenzekani-ke na? Kuyokwenzekani-ke na?
Lapho iNcwadi enkulu isivuliwe, kuyokwenzekani-ke na? (Cabanga ngakho.)
Lapha labo onqaba loMlayezo namuhla,
Bazocelwa ukuba banikeze isizathu—Nini-ke?

Kuyokwenzekani-ke? Kuyokwenzani-ke?
Lapho iNcwadi enkulu isivuliwe, kuyokwenzekani-ke?
Lapho labo onqaba loMlayezo namuhla,
Uzocelwa ukuba anikeze isizathu—Kuyokwenzekani-ke?

275 Mfowethu, dadewethu, akunandaba ukuthi uzibiza isikhathi eside kangakanani ngobuKristu, uma ungekho phakathi kulelongqamuzana leGazi noKristu kulokhu ukusa, ungaluvumeli usuku ludlule. Ngena, namuhla. Kungokwakho. Awudingi ukuthi uze e-altare. Into kuphela okufanele uyenze ngukuLemukela. Likholwe. Futhi uNkulunkulu, ngokubuyisela, uma ukukholwa kwakho kuqondile njengoba u-Abrahama wayenjalo, khona-ke uNkulunkulu uzokunika uMoya oNgcwele, ukukubeka uphawu ungaphakathi eMbusweni waKhe, futhi ubekwe uphawu kuze kube luSuku lokuHlengwa kwakho. UmBhalo wathi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube luSuku lokuHlengwa kwenu."

276 Bangaki abathi, "Mfowethu Branham, ngami, ngiyakhuleka futhi ngethemba uNkulunkulu ukuthi ngizoba phakathi lapho"? Ake sibone izandla zenu. O, yonke indawo esakhiweni. "Ngethemba uNkulunkulu ukuthi ngibe phakathi lakho." UNkulunkulu akibusise. Amaphesente ayikhulu, Nkosi. O, ngeke kumangalise na? O, he! Cabanga nje, lapho impi yokugcina isilwiwe, lapho izikhali zonke sezinqwabelene, intuthu yempi isilothile, ilanga selishona, izincwadi zivaliwe, futhi simi ekwaHlulelweni.

Kuyokwenzani-ke? Kuyokwenzani-ke?
Lapho iNcwadi enkulu isivuliwe, kuyonkwenzekani-ke na?
Lapho labo onqaba loMlayezo namuhla,
Uzocelwa ukuba anikeze isizathu—Kuyokwenzekani-ke?

277 Anijabuli yini ukuthi siKutholile na? O, ngijabule kakhulu! Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi iPhakade elingapheli ngizolichitha ngamunye ngamunye wenu. Lokhu kuzoba nje . . .

278 O, siyini isithunzi esincane salesisixhobo esidala sameva esidlula kuso na? Lisho ukuthini lelogqquma elincane ngaleya na? Lutho. Asikuthathe. Masingabi njengezinkomo eziyisimungulu,

eziqhutshwayo manje. Masibe ngamaqhawe. Masiphume sithole abanye babafo bakithi abangamazi uJesu.

279 Phumani futhi nibuke emabhareni kulokhukusa; baminyene. Bukani zonke izindawo zokuzijabulisa; kuminyene. Izinkundla zemidlalo yeshashalazi zizobe zigcwele phama, kulentambama, ngenjalobulo-, izixhuku zabafuna intokozo, abangazi uNkulunkulu, nokho baya esontweni nsuku zonke.

280 Masenze okuthile ngakho. Asihambe sitshele abanye. Uyafuna ukuba nokuziqhenya okwanele ukwazi lento futhi uYigcine engcebweni kuwena na? Ngani, qhabo, mfowethu. AsiKuhlephule, futhi sihambe siye phambili, senza enye into. Izinto ezinkulu Ayenazo, bukani ukuthi . . . Wehla futhi wephula eyaKhe, ukuze sonke sikwazi ukuza. Asifanele yini, uma uMoya kaNkulunkulu ukithi, asifanele yini ukube sibe nalowomqondo ofanayo kithi na? Masihambe siyolanda omunye umuntu asindiswe. Masikhulume nabo. Ngabe kunjalo na?

281 Manje ngabe ukhona ogulayo endlini, ofuna ukukhulekelwa ngaphambi kokuba sivale na? Uma ekhona, phakamisa isandla sakho. Kulungile, lapha, ngalomfowethu khona lapha. Omunye umuntu? Kulungile, nangu omunye emuva lapho, umama wami. Kulungile, omunye? Kulungile, mfowethu emuva lapha. Kulungile.

282 Ningeza nonke khona lapha manje, futhi nihlale, uma ningathanda, khona lapha; ngenkathi sisakhuphula amalunga, uma engathanda, futhi sizoba nomkhuleko wabo.

283 Khumbulani, kulokhu, futhi, yinsindiso yomzimba: ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu. O, uNkulunkulu ukuthanda kanjani ukuphulukisa abantwana baKhe!

284 Ya. Lunga, unawo amafutha. Manje uma uza lapha nje, phambi kwe-altare. Ngiyabonga, mfowethu.

285 Uma ungathola *INyanga Enkulu* lapho, Dadewethu Gertie, ngenkathi thina sonke, ngokuzithoba nangokuthula, umzuzwana nje manje. “Le Nyanga enkulu manje iseduze; uJesu onozwelo.”

286 Manje ngokukholwa, bazalwane bami, nomama wami, ngenani ngqo kulelingqamuzana leGazi kanye neNkosi uJesu, lapho zonke lezozibusiso zokuhlenga zingezenu. Nina, nonke, maKristu, ngiyacabangela. Futhi, khona-ke, uma ningamaKristu, ninelungelo, ilungelo elingokomthetho, layo yonke into uKristu ayifela. Kuyimpahla yakho. Ungumnikazi wayo. Ingeyakho.

287 Manje, into kuphela ongayenza, ngukwenza njengo-Abrahama. “Ngemva kokukhuthazelela ukulwa, wazuza isithembiso.” USathane akakuvumeli nje ukuthi usithathe kalula. Ufanele ube nokukholwa. Ufanele uKukholwe. Ufanele ukhuthazele.

288 UNkulunkulu wabatshela labo. UMose wathi, “Lelozwe lingelakho,” futhi nokho lalibiyelwe lonke ngamaFilisti nakho konke okunye. Wathi, “Lingelenu. Ngininike lona. Manje hambani nilithathe.”

289 Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokwenu nonke. Kungokwenu. Manje ungahamba uyokuthatha na? Hamba, ukuthathe kulokhu ukusa. Qhubeka; kungokwakho. Akukho okungakulimaza; ukuKristu.

290 Manje, Baba wethu waseZulwini, njengezinceku zaKho, ilunga laKho lapha limile eduze kwami, Nkosi, siyaphuma ukuyogcoba abagulayo, ngokweZwi laKho. Wena wathi, “Mababize amalunga; mababagcobe ngamafutha. Babakhulekele. Umkhuleko wokukholwa uyomsindisa ogulayo.” Kanti futhi kulotshiwe, uJesu Kristu, amaZwi okugcina awa ezindebeni zaKhe ezingcwele, “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Ukuqinisekisa lokho abaphostoli ababekufundisile, nalokho uJesu Kristu akufundisa, kokubili okufanayo, siyahamba siyogcoba abagulayo futhi sibeke izandla phezu kwabo, sikholwa ukuthi Uzobaphulukisa.

291 Nakhu kumi lamadoda amathathu, nomama wami uqobo. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uMoya waKho oNgcwele ungene ezinhliziyweni zabo khona manje, njengoba bedonswe kulelingqamuzana leGazi, bangena enhlanganyelweni yeNkosi uJesu. Bazi ukuthi lezizimpilo ezifayo ziyohlukana ngolunye usuku, kodwa lokho kuPhila okuPhakade kuyohlala phakade, kukhona omunye umzimba obalindile uma nje lona usuphelile.

292 Kodwa, Nkulunkulu, bafuna ukufakaza. Bangabafayo. Abasophinde babe ngabafayo futhi, emva kokuba lempilo isiphelile. Futhi kuphela lesisikhathi esisodwa, futhi lokho kuxazulula ingunaphakade. Bayoba ngabangafi, kusukela lapho kuqhubeke. Kodwa ngenkathi besengabafayo futhi benethuba lokubiza izidalwa ezifayo ngokwabo, Nkulunkulu, phulukisa imizimba yabo, ukuze baphume futhi bakhulume iZwi, futhi batshele abantu ngaLo. Siphe khona, Nkosi.

293 Phezu kwalezizisekelo, ngiletha lesisicelo kuWe, njengenceku yaKho, noma umpristi, noma umfundisi. Ngibaletha kuWe, ukuze baphile futhi basinde, ngenxa yenkazimulo yaKho. Futhi ngikuletha eGazini leNkosi uJesu. Futhi siya phambili manje ukwenza lokho Othe kwenze. Futhi siphonsela inselelo, ngokwenza lokhu, wonke umoya ongakholwayo, futhi uwulahle uwukhiphe kubo, ukuze imisebenzi kaJesu Kristu yenziwe emizimbeni yabo.

294 Baba, sigcoba umfowethu lapha ngalamafutha, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. (Futhi siphonsela inselele isitha, ukuthi usuke kuye). Futhi kwangathi ukugula kwakhe

komzimba kungahamba, futhi sengathi angaba nempilo futhi ajabule, ukuKukhonza. Sikucela ngoJesu Kristu. Amen.

295 Futhi njengoba umfowethu ebeka lamafutha okugcoba phezu kwaleli, ikhanda likamama wami. Nkulunkulu Somandla, Mdali wezulu nomhlaba, msunguli wokuPhila okuphakade, nomnikezeli wazo zonke izipho ezinhle; Owavusa iNdodana yaKho, uKristu Jesu, ezalwa ngowesifazane, enziwe, enziwe wafana nenyama enesono; futhi athwale ukukhipha udosi ekufeni, futhi athwale emzimbeni waKhe uQobo ukugula kwemizimba yethu. Siyakwamukela lokho, njengoba senza kulokhu ukusa. Futhi kungokukamama wami. Futhi ngikholwa ukuthi manje, ukuthi Uzomphulukisa, njengoba silalela iZwi laKho. Futhi njengamadodana aKho, sicela ukuthi umoya wokugula umshiye umama wami, futhi akhululeke, ngoJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

